


AMAZWI AKHE

ANGEHLULEKI ESITHEMBISO

 Ngakho sonke singangena esimweni somkhuleko wabagulayo. Futhi manje sifuna ukuba futhi sibe semkhulekweni wengqungquthela ezayo yoSomaBhizinisi lapha, eqala ngoLwesine oluzayo kusihlwa. Bazoba nezikhulumi ezikahle kule con- . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

² ETucson, kusobala, sengakhe eTucson manje. Lona ngunyaka wami wesibili ngilapho. Futhi njengoba bengihlala njalo ngithi, “Ngakhe enhla eJerusalema.”

³ Angikwazanga ukwenza iphoyisa (izolo ebusuku anginika i—ithikithi) ekholwa ukuthi lelo bekuyiJerusalema. Bengisemgwaqeni ngenyukela lapha ngaseApache Junction, nelinye lamalambu ami lacisha, ilambu elikhulu, elidimayo. Futhi bengizama ukuya esiteshini sokugcwalisa upetroli, nelinye lacisha. Kwase kwenzeka ngabuka emva kwami, ngase ngibona ilambu lalo elibomvu. Langimisa, lase lithi, “Uyazi ukuthi ngikumiseleni na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane, elinye lalawomalambu licishile.”

Lathi, “Kunjalo. Uyazi ukuthi kungukwephula umthetho ukwenza lokho na?”

⁴ Ngathi, “Yebo, mnumzane, kodwa a—a—angikwazanga ukufinyelela esiteshini. Angisitholanga. Bengizama ukusithola.”

Lathi, “Ungowaphi?”

Ngathi, “EJerusalema.”

Lathi, “Kuphi? Kuphi?”

Ngathi, “EJerusalema.” Ngathi, “Ngi. . .”

Labuka ilayesense yami, lathi, “Wena umfundisi?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.” Ngathi, “NgingowaseJerusalema.”

Lathi, “Kukuphi lapho, phesheya kolwandle na?”

⁵ Ngathi, “Qhabo, mnumzane. Kusenhla egqumeni lapha, libizwa ngeTucson, nina nilibiza ngalokho.” Ngathi, Kade ngisezansi eJeriko, lapha, ngikhonzisa esigodini.”

⁶ Kuyisimanga ngempela alibange lisanginika ithikithi ngaleyonkathi, akunjalo na? Kodwa li—linginika o—omncane u, “Sheshisa futhi ulilungise, noma. . .” [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

⁷ Nkosi Jesu, sizinikela kuWe, ngalenzonzo. Ngizikhumbula zonke izinto Ongitshela zona, nazo zonke izinto Ozenzile phambi kwabantu, kulokhu sinikeza udumo nenkazimulo. Kodwa ngiyakhumbula ngekwindla edlule, ngiza ngehla, cishe amamayela angamakhulu amahlanu enyakatho yalapha, ngenkathi Ungikhombisa leyontaba, futhi wathi, “Buyela emuva futhi ukhulekele abantu abagulayo, kuze kufike isikhathi.” Futhi ngilapha, Nkosi. Hhayi kulababantu lapha; angikhuleki kubo. Ngikhuleka kuWe. Futhi ngilapha enkonzweni yaKho kulobubusuku, ukwenza njengoba nje Ungiyala. Ngisize manje, Baba, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

⁸ Asiphenye eBhayibhelini manje, e, Ncwadini kaMathewu oNgcwele, okwendikimba. Futhi asifunde uMathewu oNgcwele, isahluko 24, nevesi 32 nelama 35, kubandakanya nalo.

Manje fundani umfanekiso emkhiwaneni; Nxa amagatsha lawo selithamba, lihlume amaqabunga, niyazi ukuthi ihlobo seliseduze:

Kanjalo nani, nxa nibona konke lokhu, yazini ukuthi, iseduze, ngasemnyango.

Ngiqinisile ngithi kini, Lesisizukulwane asiyikudlula, kungakenzeki konke lokhu.

Kuyakudlula amazulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.

⁹ Ngithanda ukuthatha indikimba encane ephuma lapho, kulokhu, *AmaZwi aKhe Angehluleki Esithembiso*. Ukukholwa kwethu kwesekelele khona *Lapha*, eZwini lesithembiso elingehluleki. Umuntu, iminyaka, wethembele kuLokhu, ezithembisweni zikaNkulunkulu.

¹⁰ Manje, uma wake wakwenza, empilweni yakho, wake weza enkonzweni yokuphiliswa futhi wafuna ukunaka ngakho konke obungakwenza, ngifuna ukwenze manje. Sifuna ukubona iNkosi ikhazimuliswa.

¹¹ Futhi ngikhulwa ngeqiniso ukuthi onke amaZwi kaNkulunkulu, zonke izithembiso Azenza, ziqinisile.

¹² Futhi kukunoma ubani ozokuvuma. Futhi manje kunabanye abazama ukukuvuma, futhi bengeke. Kunabanye abangakuvuma. Nabanye bakuthola ngaphandle kokuzama uhhafu. Manje, lokho, sifanele sishumayele iVangeli ukuthi “ukuphiliswa kuya kubo bonke,” nokho siyazi ukuthi akunjalo. Kukubo bonke uma bengakwemukela, kodwa siyazi ukuthi bonke bangekwemukele. Ngifuna nje ukuba qotho kini njengoba ngazi ukuthi kubiwa qotho kanjani.

¹³ Sizofanele sishumayele insindiso ngendlela efanayo, ukuthi “insindiso ingeyabo bonke,” kodwa siyazi ukuthi bonke bangekwemukele. Wonke umuntu angezibone lezizinto. UJesu

wathi, “Abusisiwe amehlo enu angabona, ukuqonda kwenu, ngokuba baningi abengeKwqonde.”

14 Nokuphilisa ngokukaNkulunkulu kungokwabantu abakholwayo. Kodwa, ungeke wakholwa kuze kube khona Into ethize ephakathi kwakho, ukukwenza ukholwe.

15 “Bese kuthi–ke uma imisebenzi yayenziwe,” uJesu wathi, “eSodoma neGomora, eyayenziwe emizini yaseKapernawume naleyomizi” Ayedlule kuyo, Wathi, “ngabe isamile nanamuhla.”

16 Futhi ngithi: Uma imisebenzi, imisebenzi yamandla eyenziwe ePhoenix, yayenziwe eSodoma, ngabe lisekhona kuze kube namuhla, futhi lalingeke libe ngaphansi koSawoti... koLwandle oluFile.

17 Manje, kungenxa yokuthi bonke abantu bakubamba ngqi, wonke lowo ogulayo. Kodwa ukuba babemile nje umzuzu, futhi bazame ukunaka lokho iZwi elikuchazayo.

18 Ukukholwa kungokuzwa iZwi, iZwi lesithembiso. Uma ungenaso isithembiso, khona–ke wenza umsebenzi obangwayo phezu kokukholwa kwakho uqobo. Kodwa, uma ungathatha isithembiso sikaNkulunkulu, leso yisithembiso sikaNkulunkulu kuwe.

19 Owesifazane owathinta ingubo yaKhe, wayengenasithembiso salokho. Kodwa ukukholwa kwakhe, ngaphandle kwesithembiso, wathola ukuphiliswa kwakhe.

20 Manje, uma akwazi ukuthola ukuphiliswa kwakhe, ngokukholwa kwakhe, ngaphandle kwesithembiso kulokho ayekwenza, besifanele sikuthole kakhulu kangakanani–ke thina ukuphiliswa kwethu, ngokukholwa esithembisweni uNkulunkulu asibonakalisayo nasekusiqiniseni phambi kwethu, futhi usilethe kithi ngeZwi laKhe, uyafika futhi waliqinisa iZwi laKhe!

21 Bukani lezizingane ezincane engisanda kuzibusisa nje. Zombili, isimangaliso esivela kuNkulunkulu, kwedlule ukuqonda kwezemithi. Niyabo? Cabangani nje ngezinto eyenziwe!

22 Manje, ngabe uNkulunkulu ubheka ubuso bomuntu na? Impela qha. Uma Ephilisa oyedwa, Uyophilisa nomunye. Yinye kuphela into ofanele uyenze, ngokuba uzithathele lokho kukholwa. Nalokho kukholwa kuyinto oyaziyo; hhayi into oyiphangayo, oyiqagelayo. Uyayazi! Kwenzeka into ethize. Manje, iminyaka, abantu uphumule kulokhu.

23 Isizathu ngithathe lendikimba lapha yalemizuzu embalwa, yingenxa yokuthi Wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze adlula.” Futhi Wayenze isithembiso lapha, ukuthi lesosizukulwane, babenga... Wathi, “Lesisizukulwane asiyikudlula kungakagcwaliseki konke lokhu.”

24 Uma bekungenzeka kube nongakholwayo ohleziyo okhona, lokho ngokunye kwezikhubekiso ezinkulu kunazo zonke ongakholwayo ongake aze abanjwe kukho. Bacabanga ukuthi uJesu wayebhekisele esizukulwaneni Ayekhuluma kuso. Manje ukuqondisa lokho, ukuze singene endikimbeni.

25 BaMbuza imibuzo emithathu. Uma nizoqaphela emuva kwesama 24, ukuqala kwesahluko 24 lapha, sifunda lamaZwi.

Kuthe uJesu ephuma, ethempelini, emuka: kwasondela abafundi bakhe ukumtshengisa isakhiwo sethempeli.

Futhi uJesu waphendula wathi kubo, Anikuboni konke lokhu na? ngiqinisile ngithi kini, Akuyikushiywa lapha itshe phezu kwelinye, elingayikudilizelwa phansi.

26 Manje, lokho kwakungenkathi Esesemzini, ethempelini. Manje ini na?

Esahlezi entabeni. . .

27 Wasuka ethempelini, wayesenyukela esiqongweni sentaba, iNtaba yeMinqumo.

. . .sahlezi e. . .Ntaba yeMinqumo, abafundi bakhe beza kuye bebodwa, bathi, Sitshele, ukuthi lokhu kuyakuba-nini. . .siyakuba yini isibonakaliso sokuza kwakho, nesibonakaliso sokuphela kwezwe na?

28 BaMbuza imibuzo emithathu, futhi Wayiphendula njengoba baMbuza. Imibuzo emithathu, niyabo. Owokuqala, “Siyakuba nini isikhathi itshe lingayikushiywa phezu kwelinye na?” Nokuthi, “Siyakuba yini isibonakaliso soKuzwa kwaKho na?” Futhi, “Yini ukuphela kwezwe na?” Imibuzo emithathu. Futhi Uphendula imibuzo emithathu.

29 Izitshudeni ezinkulu, namhlanje, zibeka lowombuzo wokuqala, ngenkathi Ethi, “Khulekelani ukuba ukubaleka kwenu kungabi sebusika, nangosuku lwesabatha,” zibeka lokho esikhathini sosuku lwenkathi ezayo, yokuFika kweNkosi ekupheleni kwezwe.

30 Lokho kwenzeke ngo 70 uJesu Azalwa, ngenkathi isosha elikhulu eliyiRoma, noma impi enkulu, uTitus neqembu lakhe benyukela lapho, induna enkulu yaseRoma, yavimbezela izindonga njengoba uJesu wayekade ebatshelile ngaphambili. “Futhi nibone iJerusalema lihaqwe yizimpi, khona—ke osensimini makangabuyeli emzini futhi.” Manje bekuyosiza ngani. . .

31 Futhi abanye abantu bazama ukwesekela imfundiso yabo phezu kwalokho, ukuthi abantu bayobe besalokhu bekholelwa emahoreni esabatha, begcina izinsuku zesabatha, uma Efika. Awu, uma u—uma ukuFika kungokomhlaba wonke, ubungeke uligcine isabatha; ngokuba, ngakwelinye icala, wusuku lwesabatha, nosuku olulandelayo wusuku

oselwedlule isabatha. Niyabo, ngakho akusilo. Ukugcina isabatha kwakungokwabantu ehlane, hhayi okweBandla lomhlaba wonke. Niyabo? Nazozonke lezizinto ezehlukile, bathatha leyomiBhalo ngaphandle kokuba noMoya oNgcwele ukuba uyehlukanise ngokufaneleyo futhi ukhombise ukuthi iyini.

³² Kodwa nakhu uJesu ayekhuluma ngakho, ngowami umbono wokuzithoba okukhulu kakhulu, wawungukuthi Washo, ukuthi, “Lesisizukulwane,” ngamany’amazwi, “isizukulwane esabona umkhiwane uveza imiqumbe yawo.” Niyabo, Wathi lapha, “Futhi uma umkhiwane uqala, uthambile, futhi uveza owawo, amagatsha awo, uthi ihlobo seliseduze. Kanjalo, niyabo, uma nibona zonke lezizinto, yazini isikhathi. Uma nibona yonke lemibuzo igcwaliseka, isikhathi sisemisnyango. Lesosizukulwane esibona umkhiwane!” *Nomkhiwane* njalo ngu “Israyeli.” “Futhi ngenkathi uIsrayeli ebuyela ezweni lakhe lendabuko futhi uba yisizwe, lesosizukulwane asiyikudlula lezizinto zonke zingakagcwaliseki.”

³³ Futhi bangane abangamaKristu, kulobubusuku, kulamathizethize amakhulu emiBhalweni, abantu abacabanga ukuthi kwenziwe amathizethize, manje siphilela ukubona khona impela. . . Yonke into Ayishilo lapha iyagcwaliseka, into elandelayo nje eyokuFika kwaKhe.

³⁴ UIsrayeli usezweni lakhe lendabuko. Uyisizwe sakhe uqobo. Unemali yakhe uqobo, iflege lakhe uqobo, ilunga leU.N inhlango yezezwe. Uyisizwe nje; isikhathi okokuqala, cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu, selokhu ebe yisizwe. NoJesu wethembisa ukuthi, “Isizukulwane. . .” Futhi, eBhayibhelini, isizukulwane sabelwa iminyaka engamashumi amane. Kusukela esikhathini uIsrayeli eba yisizwe, kuze kube yiminyaka engamashumi amane, ndawo ndawo phakathi kwalesosikhathi, Uyofika. Futhi uma lokho kuqinisele, khona-ke lokho kuletha ukuFika.

³⁵ Awu, futhi enye into, njalo eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili, ikhona into eyenzeke emhlabeni, nezombusazwe nayo yonke into ziyayikhipha, uNkulunkulu wadingeka athumele usizo oluvela eZulwini. Neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokuqala, izwe labhujiswa ngamanzi; iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yesibili, uKristu uyafika; nalona ngu 1964, futhi basho ukuthi sishoda ngeminyaka eyishumi nesikhombisa kulokho.

³⁶ Manje niyabo kusemnyango. Into elandelayo, ngukuthi, ukubheka ukuFika kweNkosi. Zonke ezinye izibonakaliso zihlangana thaqa phakathi nakho. Ngakho yingakho, kulobubusuku, ukuthi ngizama ukuthola abantu ukuba bahlale ngqo eZwini elithenjisiwe. Lokho nje okushiwo yiZwi, hlalani ngqo naLokho.

³⁷ Manje, uma ngifika kuKristu, ngangazi ukuthi ngangidinga ngibe nesisekelo ndawondawo, ukuma kuso. Ngagcotshelwa ebandleni leMissionary Baptisti. Kwase kuthi-ke ngenkathi sengibone ukuthi imfundiso yebandla leMissionary Baptisti yayiphambene kakhulu nomBhalo, khona-ke angikwazanga ukubeka, ngisekele amathemba ami phezu kwemfundiso yebandla leMissionary Baptisti. Ngase-ke ngicabanga ukuthi ngiyowelela ebandleni likamama wami, wayeyiMethodisti. Ngase ngicabanga ukuthi ngiyoya laphaya. Ngathola futhi. Ngakho ngazi ukuthi uma uJesu efikela abantu beMethodisti, impela Uyowashiya amaBaptisti. Uma Efikela amaBaptisti, Uyowashiya amaMethodisti. Kodwa ngathola, emaqenjini omabili, abantu abakahle. Futhi ngangazi ukuthi uma Efikela ibandla, Ubeyofikela liphi lona ibandla, izinhlangano ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nento ezehlukene na? Akanjalo. Akazukwehlulela abantu ngebandla.

³⁸ Uzokwehlulela abantu ngoJesu Kristu. Futhi uJesu Kristu uyizwi. UJohane oNgcwele, isahluko 1, kwathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi.” Ngenkathi uNkulunkulu... Ekuqaleni, kungakabi nguLizwi, kwakungumcabango. “Kwase kuthi-ke ekuqaleni kwakunguLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Konke kwakunguNkulunkulu.

³⁹ Kwase kuthi-ke lapho uNkulunkulu enikeza izwi laKhe, elalizoba yikho, walimisela ngaphambili iBandla laKhe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, “Lalizobonakala phambi kwaKhe, lingenabala noma umbimbi.” Nesikhathi sewashi siqhubeka siyehla ngqo. Futhi Liyoba lapho, iBandla, iBandla elinenkazimulo, lingenabala noma umbimbi! Ngithemba ukuthi sonke siyiwo, lapha kulobubusuku, amalunga aleloBandla. Nokuthi yinye kuphela indlela yokungena kuleloBandla, hhayi nganoma yiliphi ihlelo, ungena kuLo ngokuZalwa okusha.

Futhi wena uthi, “Awu, ngiyakukholwa lokho.”

⁴⁰ Futhi uma ukukholwa, khona-ke uzogcizelela lonke izwi laleliBhayibheli, ngo “amen,” yonke into eshiwo yiBhayibheli; ngoba LinguKristu, nawe uyingxenyane kaKristu, noMoya oNgcwele wembula leliQiniso. Unyaka ngamunye ubunokwabelwa kwawo kweZwi ukuba ligcwaliseke.

⁴¹ UNkulunkulu njalo uthumela umporfethi. Izwi liza kumprofethi; izwi elilotshiwe, elehlulela imicabango yenhliziyo. Niqaphelile njalo na? Umprofethi, ngokuthi wayazi ukuthi wayengumprofethi, yingoba izwi likaNkulunkulu lahlulela umcabango osenhliziyweni, usho izinto ngaphambili, osho ngaphambili noshophambili. Senake nasithatha isichazamazwi, isichazamazwi esidala sesiHeberu, bese nibona ukuthi lisho ukuthini igama elithi *umboni* na? Yilowo onesambulo sobuNkulunkulu seZwi elilotshiwe. Nokuthi liqinisekiswa

kanjani, ubona ngaphambili izinto azisho ngaphambili, futhi ziyafezeka.

⁴² Manje, lokho kufanekisa kanjani ngomBhalo na? Khona impela nje. “Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye, ngikhulume kuye ngemibono. Futhi uma lezizinto zifezeka, khona-ke nguNkulunkulu. Uma zingafezeki, khona-ke ningamuzwa; ningamesabi nhlobo, kodwa nje ningakunaki.” Kodwa iZwi likaNkulunkulu njalo liqinisile! Ngakho-ke, babazi kanjalo-ke ngomuntu owayekhuluma, ukuthi ngabe wayenesambulo esiqinisile yini seZwi, noma qha, iZwi lobuNkulunkulu elilotshiwe, yingoba wayeneZwi leNkosi liza kuye. Manje sihlala Lapho, sizibeka thina uqobo nokwethemba kwethu phezu kwaleliZwi.

⁴³ Wena uthi, “Mfowethu Branham, eTestamenteni eLidala, lowo kwakungabaprofethi.”

⁴⁴ UNkulunkulu, eBhayibhelini, amaHeberu, isahluko 1, athi, “UNkulunkulu, emandulo, wakhuluma kobaba ngezindlela eziningi ngabaprofethi; ngalolu usuku lokugcina ukhulume ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu.” Niyabo, nguJesu Kristu. NoJesu uyiZwi, niyabo, futhi wembula iZwi laKhe ngoJesu Kristu. IZwi lizembula Lona uqobo, Lenza iZwi liphile. Behluleka lapho-ke abantu ukuba baMqonde.

⁴⁵ Kwaba njalo-ke ngowesifazane omncane, emthonjeni, waMqonda. Ngani, wakwazi, ngokushesha. Wathi nje Angamtshela into ethize ngaye uqobo, wathi, “Nkosi, ngiyabona Ungumprofethi wena. Manje, siyazi uMesiya uyeza. Futhi uma Efika, Uyakusitshela lezizinto, asibonise izinto zonke.”

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

⁴⁶ Wayengakuphika kanjani ukusho kwaKhe, ube umsebenzi wenziwa kuqala na? Umsebenzi waqinisekiswa kuqala, ukuthi WayeyilowomProfethi. Babengenabo abaprofethi amakhulu eminyaka. NaloMuntu wadingeka abe ngumprofethi; futhi-futhi esho, ngokuziqinisekisa Yena uqobo, ukuthi WayeyilowoMesiya othenjisiwe. Akumangalisi lowo wesifazane omncane wakwazi ukugijimela emzini, futhi athi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Kungebe yini nguye uMesiya lona, yena impela uMesiya na?”

⁴⁷ Manje siyakukholwa lokho, ukuthi uNkulunkulu, eminyakeni Ayabele iZwi laKhe, lolonkatho, leloZwi lizokwembulwa eQinisweni laLo. Lizoqinisekiswa, ngoba uNkulunkulu walethembisa kanjalo. Futhi, Linjalo, Liqinisile njalo.

⁴⁸ UNowa. Kwakul’khuni kubantu ukuba bamqonde uNowa ngezinsuku zakhe. Wezwa uNkulunkulu ekhuluma. Wazi ukuthi kwakuyiZwi, ngoba wayengumprofethi kaNkulunkulu. UNkulunkulu wamthuma waphuma, ukuba asho, “Uzamcolo

omkhulu uza!” Waqhubeka nokwakha emkhunjini, ngesikhathi sokugxekwa. Akwenzanga mehluko kuNowa, ukuthi babebangaki abamgxekayo. Wayengukukhanya kwalolosuku. WayeyiZwi likaNkulunkulu libonakaliselwa lolosuku; ngokuba, uNkulunkulu wababhuhisa abantu.

⁴⁹ UMose, omkhulu, ophucuke kakhulu usiyazi wezenkolo, indoda enkulu, izalelwe ukuba ngumprofethi; nokho, kuyo yonke isayense yakhe yezenkolo nokwazi kwakhe—kwakhe ngoNkulunkulu, wayengenakubakhulula abantwana bakwaIsrayeli ngokwazi.

⁵⁰ Niyabo, umprofethi anghambe ngokwazi. Uzofanele ahambe ngokuphefumulelwa. Ukuphefumulelwa!

⁵¹ Futhi ngenkathi iZwi leNkosi liza kuye ehlane, esihlahleni esivuthayo. Futhi lamtshela futhi lembula kuye amaZwi Eyayiwakhulume kuAbrahama. Futhi Yayenzani na? Imbonisa iZwi elilotshiwe lal lohora, lase—ke limbizela umsebenzi uMose. Futhi wayesaba, nempi, ukuzama ukukhulula uIsrayeli; futhi manje—ke uyehla nenduku esandleni sakhe, futhi ukhulula uIsrayeli. I—i . . .

⁵² UNkulunkulu ukwenza ngokuyimfihlakalo kakhulu, okuvele nje kubeke umqondo wokwenyama uphumise okwethunduluka emkhondweni wawo. Ungeke usacabanga. Senake naqaphela na?

⁵³ UJohane umbhaphathizi, emi emanzini, wayengumprofethi, umanduleli, phakathi kwabaprofethi nokufika kweNdodana kaNkulunkulu. UJohane waphumela emanzini, wayesesho! Wayengesabi ukutshela abantu, “Ukhona Othize omi phakathi kwenu manje!” Cabangani nje ngesiqiniseko ayenaso! “Ukhona Oyedwa omi phakathi kwenu khona manje, eningaMaziyo. Izicathulo zaKhe angifanele ukuzithwala. Uyoba nguYe oyonibhaphathiza ngoMoya oNgewele noMlilo.”

⁵⁴ Wayephakathi kwabantu ngaleyonkathi. UJohane wazi ukuthi Wayefanele afike esizukulwaneni sakhe, ngoba uyibonile indawo yakhe eyiyonayona emBhalweni, wabona uMoya kaNkulunkulu phezu kwaKhe. “Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukulungisa indlela.” Futhi wayazi ukuthi ukufika kukaMesiya kwase kuseduze.

⁵⁵ Ngakho umprofethi esami emanzini, eprofetha, iZwi leza kuye. UJesu wayeyiZwi! WaMazi kanjalo—ke umprofethi, ngokuba KwakuyiZwi, nesibonakaliso esasikade sinikezwe yena. “NgiMazile, ngoba Owangitshela, ehlane, ‘Hamba, ubhaphathize ngamanzi,’ wathi, ‘Phezu kwaLowo oyobona uMoya ehlela phezu kwakhe, futhi ehlela kuye, Uyakubhaphathiza ngo. Moya oNgewele noMlilo’” Futhi ngenkathi kufika iZwi, isibonakaliso safika neZwi, phakathi emanzini.

⁵⁶ UJesu uqobo lwaKhe, ngenkathi Efika, Wayazi ukuthi WayeyiZwi. Yena, Wayeqinisekile ngalokho. Ngokuba, Yena, ngenkathi Eseneminyaka eyishumi nambili nje, uMfana omncane, siMthola (njengoba bengikhuluma izolo) ethempelini, ephikisana nabapristi. Ukwazi kwaKhe kwakwedlula amasiko abo, futhi Wayebafundisa, lawo indoda. Futhi ngenkathi umama waKhe uQobo eza kuYe, futhi wenze i. . . washo igama elalingalungile, bhekisisani iZwi liqondisa isiphosiso.

⁵⁷ IZwi njalo liqondisa isiphosiso. Futhi uma abantu kuphela bebengakubona namhlanje, iZwi liqondisa isiphosiso! Yonk'into iba yisiphosiso. Kodwa iZwi likaNkulunkulu liyilokho okuqinisele. Wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze edlula.”

⁵⁸ NeZwi eliprofethelwa lolusuku, liqondisa isiphosiso sosuku. Niyaqonda na? IZwi uqobo lwaLo liqondisa isiphosiso. Abantu namhlanje, bathi, ‘O, asijoyine *lokhu*. Asiye eMkhandlwini. Asenze zonke *lezizinto*.” Leso yisiphosiso. NeZwi liyabuya bese liqondisa lesosiphosiso, ngokuzikhomba Lona uqobo, ihora, nesikhathi sehora. Manje siyazi lezozinto ziqinisele.

⁵⁹ Manje ngizoninika ubufakazi obuncane obuqondene nami emizuzwini eyishumi elandelayo, iNkosi ithanda, ubufakazi obuncane obuqondene nami. Ukuthi, ngiyakholwa, uma ngingaphosisi, uMfowethu John Sharrit. . . Angazi noma ngabe ukhona yini endlini kulobubusuku, noma qha. Angikamboni. Ungumngani oqondene nami impela, umfowethu oyigugu. Ubenami engxenye esesekuqaleni yenkonzo.

⁶⁰ Bangaki owayelapha ngenkathi kuqala ngifika ePhoenix, eminyakeni eyishumi nesithupha eyedlula na? Ake sibone izandla zenu. Ake nibheke nje laphaya, ngokwangempela okwesithathu kwabantu. Bangaki kini abakukhumbulayo lokho, ekukhulekeleni abagulayo, ngangiphakamisa isandla sami, abantu babebeka izandla zabo phezu kwa-phezu kwami; bese kuthi-ke, noma yini eyayikhulunywa, yayiyilokho ababenakho. Bangaki okukhumbulayo lokho na?

⁶¹ Futhi bangaki kini abakhumbulayo ukuthi nganitshela ukuthi iNgelosi yeNkosi, kuleyoNsika yoMlilo, e-eyahlangabezana nami phezulu lapho, futhi yangitshela, uma ngiyoba “qotho,” kuyofezeka ukuthi ngi “yokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo.” Bangaki okukhumbulayo lokho, yathi kuyoba ngaleyondlela na?

⁶² Manje, bangaki okhumbulayo ukuthi Yethembisa ukuthi kuyoqhubekela phambili na? Futhi, kungekudala, okombono, Yethembisa ngalowomdonso walowomugqa, yathi, “Ungeke wafundisa izingane zamaPentecostal izinto ezingaphezu kwemvelo.” Futhi ngenkathi ngenza umdonso wesithathu, Yathi, “Manje ungatsheli-muntu ngalokhu. Ubuzama ukuchaza lokho

okunye. Ungatsheli'muntu ngalokhu. Lona ngumdonso omkhulu nowokugcina.” Bangaki okukhumbulayo lokho kubikezelwa na?

⁶³ Niyabo, Ayehluleki neze. Lezozinto zenzeka, eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, njengoba zazinjalo nje.

⁶⁴ Manje, ePhoenix, lokho kwakungesikhathi uNkk. Waldroff lapha wayefe emgqeni womkhuleko, enomdlavuzo enhliziyweni yakhe, futhi waphiliswa. Uvame ukuza emihlanganweni. Cishe ulapha manje. Bese kuthi-ke... UNkk. Hattie Waldroff. Manje-ke sithola ukuthi udokotela wakhe wayenobufakazi bakho, unikeza i—izithombe ezishuthiwe, noma hhayi i... Enikubiza nge, x-reyi? I x-reyi yakho, lapho o—owesifazane wayekade enomdlavuzo. Futhi uyaphila namhlanje. Nalokho kwakuseminyakeni eyishumi nesithupha eyedlula. Manje ngineqiniso impela ukuthi umnumzane... Yebo, nango uNkk. Waldroff, khona lapho manje. Kunjalo. [Omunye uthi, “Lokho sekube yiminyaka eyishumi nesikhombisa, loMashi.”—Umhl.] Lokho yiminyaka eyishumi nesikhombisa, loMashi. Nanto inenekazi elalifile, futhi liphinde liyaphila, linomdlavuzo enhliziyweni yalo. Ngoba, kwakungu ISHO KANJE INKOSI. Manje qaphelani lezozikhathi.

⁶⁵ Ngaya eCalifornia, futhi ngikholwa ukuthi uMfowethu John Sharrit wayenami ngaleyonkathi. Bengicabanga namhlanje, ngicabanga ngakho, ngenyukela lapha. Ngicinqiniseke ngempela ukuthi wayelapho. Nonkosikazi nami... NoRebeka wami, oseyintombi manje, uthweswa iziqu kulonyaka; wayeseyinganyana, ngangimthwele ngezingalo zami. Sase sihamba, futhi, sawelela eCatalina, ngangiya eCatalina emva kokuba umhlangano wawusuphelile, ukuthatha isikebhe nje siwele bese sibuya, ukuba nje sithi sasisolwandle. Nobusuku singakasuki, noma ubusuku noma obubili... .

⁶⁶ UPaul Melikian, iningi lenu liyamazi. UPaul Melikian. Ngikholwa ukuthi une chap... Ini? [Umfowethu uthi, “Madera.”—Umhl.] Kuphi? [“Madera.”] Madera, eCalifornia. Umama wakhe, ubaba, bobabili babekade bephilisiwe emihlanganweni. Ngandiza ngaphuma lapha ngendiza, ukubavakashela, futhi baphiliswa.

⁶⁷ UmkaPaul wayesanda kubeletha i—ingane. Abantu abakahle, bakaArmenius, futhi babiza ezansi lapho base becela, unkosikazi wayegula futhi wayefuna ukumehlisa. Ngathi, “Kulungile, yehla.” Ngakho, bamehlisela lapho. Futhi ngalobobusuku... Yena, nomkami nami, futhi kungahle kube nguMfowethu Sharrit. Anginaso isiqiniseko.

⁶⁸ Ngabe uMfowethu Sharrit ulapha na? Uma waye... Ngabe lokho bekunjalo, Mfowethu Sharrit, kwakunguwe lapho ngalobo busuku na? Kunjalo. Nango ufakazi. Bengi—ngibheke ukubona uMfowethu John, futhi ngibone ukuthi ngabe wayekhona yini.

⁶⁹ Manje wabeka isandla sakhe phezu kwesami, futhi ngokushesha sabhuza. “Futhi, bukani, unokuphila kokumbulala, ukuphila okubi.” Ngase ngithi, “Unokuvuvuka komlenze obuhlungu.” Awu, wayengakabi nezimpawu zawo ngaleyonkathi. Kodwa ezinsukwini ezithi azibe mbili kamuva, udokotela wayemnyanga ngokuvuvuka komlenze obuhlungu.

Wathi, “Lokho kuyamangalisa, Mfowethu Branham.”

⁷⁰ Manje ngizodingeka ngisho ezinye izinto lapha e—ezohwaya. Kodwa ngi—ngifanele ngikhulume iqiniso, akunandaba ukuthi kuyini. Bengihlala njalo ngikwesaba ukuba ngithi ubaba wami wayengugweva. Ngangikuzonda ukukusho lokho, kodwa kuyiqiniso. Ya. Uma kukhona okungalungile, asi—asi—asikuqondise khona lapha, ningalindi size senyukele Lapho. Futhi ngi—ngiyathanda ukusho izinto ezinhle, kodwa sifanele sizisho ezimbi, nazo.

⁷¹ Umkami wayesekamelweni, omncane, wesifazane onekhanda elimnyama. NoNkk. Malicki wathi, “Lokho kuyaxaka, ukuthi lokho kwenza kanjani esandleni sakho.” Wathi, “Ngabe siyakwenza lokho esandleni sawo wonke umuntu na?”

Ngathi, “Qhabo, mem.”

Wathi, “Ungakuchaza na?”

Ngathi, “Qhabo, mem.”

⁷² Qhabo, ungeke wachaza lutho lukaNkulunkulu. Ungeke wayichaza imisebenzi kaNkulunkulu. Ungeke wamchaza uNkulunkulu. UNkulunkulu ungaphandle kokuchaza. Uma bekunjalo, besingeke sadingeka ukuba siMkholwe ngokukholwa.

⁷³ Ngathi, “Imisebenzi kaNkulunkulu iyedlula ekutholweni. Niyabo?” Ngathi, “Kuyisenzo sikaNkulunkulu, engingenakusichaza.”

Wayesethi, “Awu, ngi . . . Lokho kuyamangalisa ngempela.”

Ngase, ngase ngithi, “Awu, ngizobeka isandla sami. Uyabona lapho, akukho lutho okwenzekayo.”

⁷⁴ Ngathi, “Akukho okungalungile kumkami.” Beka isandla sakho, s’thandwa.” Futhi kwathi nje isandla sakhe singashaya kwesami, umkami uqobo, ngathi, “Unesikhwama esinobomvu esibelethweni ngakwesokunxele.”

Uyakukhumbula lokho, Mfowethu Sharrit, ekamelweni ngalobobusuku na?

⁷⁵ Awu, iminyaka emibili emva kwalokho, uSharon wami omncane wazalwa, iminyaka emine emva kukaBecky. Ngathi kudokotela, lokhu . . . Bonke bafanele bazalwe ngokuhlinzwa, ngoba akakwazi ukuba nezingane ngokwejoyekile; wayengendlela efanayo, umndeni wakubo

ungaleyondlela. Ngase ngithi kudokotela, “Buka esibeledhweni ngakwesokunxele, futhi uma usumvulisile, bese ubona ukuthi akunaso yini isikhwama esinobomvu kuso.”

⁷⁶ Wathi, “Mfowethu Branham, thina, ngi—ngizoke ngibheke.” Kodwa ngenkathi ku... Ngenkathi ebuya ehla, wathi, “Angibonanga lutho, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Kulungile.”

⁷⁷ Eminyakeni emine kamuva, uJoseph wami omncane uyafika enkundleni. Futhi nga—ngangibamba isandla sakhe, kwakuselokhu kukhona. Ngase ngithi, “Dokotela, bheka lesosibeledho esingakwesokunxele futhi, uzobheka na?”

⁷⁸ Wayesethi, “Yebo, Mfowethu Branham.” Wasibheka, futhi si... “Qhabo, akukho lutho lapho,” washo.

⁷⁹ Ngabamba isandla sakhe. Ngathi, “Kodwa kukhona. Kukhona. Lapha, kuyakufakazisa *lapha*.” Akakutholanga.

Awu, kwaqhubeka, iminyaka yedlula.

⁸⁰ Ngonyaka odlule, thina, kwakungunyaka wethu wamashumi amabili nambili sishadile. Futhi ngangikade ngisohambweni lokuyozingela, lonk’usuku lwabasanda kushada. Futhi njalo ngiya endaweni encane enhla lapho esiqongweni sentaba, futhi nginomkhuleko omncane enhla lapho, bese nginikela kuNkulunkulu ukubonga kwami ngonkosikazi olungileyo. Umkami ubeyisithandwa kimi, futhi ngakho ngenza lokho unyaka ngamunye.

⁸¹ Ngenkathi siza ngapha eArizona, ngomyalo weNkosi. Futhi nibonile ephepheni, futhi benginesithombe esincane lapha, bengisikhombisa omunye umuntu kulentambama, ukuthi iphephabhuku lalisiqukethe kanjani. Futhi ngama khona lapha kulomsamo, futhi ngatshela wonke umuntu lapha, “ISHO KANJE INKOSI, ‘Ikhona into ezokwenzeka. Ngibone isixuku seziNgelosi eziyisikhombisa zihlangana nami, enyakatho yeTucson.’” Niyakukhumbula lokho na? Bangaki owaye phakathi lapha ngenkathi ngisho lokho eminyakeni eyadlulayo na? Kulungile. Futhi niyazi impela nje ukuthi kwenzeka kanjani, indlela efanayo.

⁸² Iphephabhuku laqakatha ngisho nesithombe, “Kubonakale ukuKhanya okuyimfihlakalo, amamayela angamashumi amabili-nesikhombisa ukuphakama; amamayela angamashumi amathathu ukuphakama, namamayela angamashumi amabili-nesikhombisa ukuvundla.” Umswakamo uhamba kuphela cishe amamayela ayisishiyagalombili noma ayisishiyagalolunye ukuphakama, niyazi, futhi abakwazi ukukufanisa ukuthi Kwakuyini. Angizange ngithi vu ngakho, ngavele ngakuyeka kanjalo nje; ngoba, akwenzi nokukodwa okunci okuhle, nokukodwa.

⁸³ Ngokufanayo nje njengoba kwenza ngokuKhanya abakuthathile, iNgelosi yeNkosi, basalokhu bengakukholwa.

⁸⁴ Futhi manje, ngakho uma siphuma lapha, ngithi njalonzalo emihlanganweni, ngenza konke engingakwenzela iNkosi. Kodwa angenzi konke lokho engifanele ngikwenze, ngi—ngiyazi ukuthi ngenza amaningi kakhulu amaphutha.

⁸⁵ Nomkami useze waba yikho kokubili umama nobabayi, kokubili, ngalabobantwana, ngoba ngisuke ngingekho. Nesinqumo sakhe... Ubaba nomama bafanele bavumelane phezu kwezinqumo zabo ngabantwana babo. Kodwa angikho lapho, ngisenkonzweni yeNkosi. Nomkami manje useneminyaka engamashumi amane-nane ubudala, mncane ngeminyaka eyishumi nje kunami. Futhi ngingena ngivela komunye wemihlangano, futhi ngangikhathele. Sekucishe ukuba ngaphezudlwana (cishe) kweminyaka emibili edlule, ngiqagele, ngenkathi siphuma lapha. Futhi ngangikade ngingekho, futhi ngangikhathele ngempela.

⁸⁶ Nomfana wami omncane, uJoseph, ungumfana wokuqina nje, futhi egijima phandle esikoleni lapho ezwa khona yonk'into. Ngoluny'usuku ngenkathi ngingena, washo enye into ethize, futhi wachwensa unina. Wayese—wayese—ke egijimela kimi. Manje, wayazi, wayazi ukuthi wayezothola uswazi kuye.

Ngakho wathi kimi, wathi, “Billy, mbhaxabule.”

⁸⁷ Wayesengigaxa, wathi, “Babayi, ngiyaxolisa.” Wayeyazi indawana yami ebuthakathaka.

Futhi ngakho, “O,” ngathi, “s'thandwa, asikhohlwe yikho. Angikwazi.”

⁸⁸ Futhi okukankosikazi nami, naleliBhayibheli phambi kwami, asikaze sibe negama empilweni yethu. Kodwa khona manjalo, ekulesosikhathi sokwethuka kwempilo, wagaklaza umnyango ebusweni bami ngqo. Wayesethi, “Manje—ke ufanele umnakekele okwesikhashana,” wayesegaklaza umnyango, wayesengena.

⁸⁹ Ngacabanga, “Umfo omncane bandla! He, uzokwedlula kukho konke lokho, qobo lwakhe.”

⁹⁰ Ngaphuma, ngase ngithi, “Joseph, woza,” Ngasho. Ngamthatha. Ngathi, “Ubabayi ubefanele akufake uswazi. Uyakwazi lokho. Kodwa,” ngathi, “ngokuthi uphendukile. Uyabo? Kodwa, khumbula, ukubekezela kwami kuzophela, ngolunye lwalezizinsuku. Futhi lokho, lokho kuphenduka, ufanele uveze isithelo esifanele ukuphenduka, futhi ufakazise kimi ukuthi ukusho ngempela. Uyabo? Uma ungithanda, khona—ke uzonginaka.”

⁹¹ Futhi ngakho ngaphuma, ngase ngithi, “Ngizogeza uthuli efasteleni lami langaphambili lemoto yami. Ngase ngiqala ukuphuma ukuba ngigeze lelofastela elingaphambili.

⁹² Futhi, lapho ngenza, iPhimbo lathi, “Jika, bese umtshela ukuba afunde iziKronike zesiBili 22.”

⁹³ Ngacabanga, “Nginje—nginje—nje... Angazi ukuthi ngize ngakucabanga kanjani lokho. Ngacabanga, “Awu, ngizicabangele nje lokho.” Ngaqhubeka nokugeza.

⁹⁴ Kwaphinda futhi Kwafika, kakhulu ngempela, “Hamba, umtshela!” Awu, Kwangesabisa.

⁹⁵ Ngangena ngase ngikufunda. Niyazi ukuthi kuyini? Kungenkathi uMiryamu ehlekisa ngoMose, ngokuganwa yintombazane engumTopiya. Futhi uNkulunkulu wathi, “Kwakungcono ukuba uyihlo akufele ngamathe ebusweni bakho, kunoma wenze lokho.” Niyabo? Wayesebabizela phakathi, wathi, “Hamba, ulande uMiryamu, useshaywe ngochoko.” Wathi, “Hamba, ulande uMiryamu.” NoMose... NeNsika yoMlilo yehlela etabernakele. NoMose wama lapho. NoNkulunkulu wakhuluma kubo. Wathi, “Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye. Ngiyakukhuluma kuye ngemibono, ngembule amaphupho, kanjalonjalo.” Wathi, “Kodwa inceku yaMi, uMose, akekho onjengaye ezweni.” Wathi, “Awumesabanga uNkulunkulu na?” NoMiryamu, engumprofethikazi, washaywa wuchoko. NoMose wamncengela, futhi waphila.

⁹⁶ Manje—ke, lokho kwangesabisa. Ngase ngikhohliwe. Mina, angi—angikuqaphelanga, kodwa Yena wakuqaphela. Waba nguYe owakuqaphelayo. Lowo kwakungumkami, ngangiyomfela noma ngasiphi isikhathi. Kodwa uNkulunkulu wakuqaphela. Manje leli yiqiniso, iBhayibheli lami lilele lapha phambi kwami.

⁹⁷ Ngase ngingena. Futhi wayengene ekamelweni wayesevala isivalo, futhi wayethunga emshinini wokuthunga. Ngase ngingqongqotheni emnyango, ngase ngithi, “S’thandwa, ngifuna ukukhuluma kuwe umzuzu.”

Wathi, “Ufunani?”

⁹⁸ Ngathi, “S’thandwa, vula umnyango, khona manje. Nginezwi elivela eNkosini.” Lokho kwathi ukumzothisa kancane, ngakho wavula umnyango.

⁹⁹ Sase singena. Ngase ngithi, “S’thandwa, manje uyazi, njengoba ngikuthanda kakhulu impela, a—a—angizange ngicabange lutho ngalokho.”

Wathi, “Awu, Bill, uma... Nginokwethuka kakhulu!”

¹⁰⁰ Ngathi, “Ngiyazi. Kodwa Ayikuthandanga lokho. Lokho. AkuYithokozisanga. Ingitshele khona lapho esihlahleni, lesosihlahla lapho, lesosihlahla esincane sesundu phambi kwendlu lapho, ukuba ngingene lapha futhi ngi ‘funde lomBhalo’ kuwe.” Ngase ngiWufunda.

¹⁰¹ Ngakho ngisize, phakathi kwezinsuku ezimbalwa, wezwa ubuhlungu ngakwesokunxele. Sadingeka siye ekhaya. Futhi kwakulokhu kuya ngokuba kubi. Ngamkhulekela. Kwalokhu kuya ngokuba kubi.

¹⁰² Ngamthatha ngamwelisela kudokotela ongumngani wami eLouisville, uDokotela Schoen, osigogodele isifo. Wamhlola, wathi, “Nkk. Branham, tshela uMfowethu Branham ukuthi ngifuna ukumbona.”

Wathi, “Dokotela, utholeni?”

Wathi, “Kungcono ngitshele yena.”

¹⁰³ Ngakho uMeda wangibiza, ngase ngiza. Wayesethi, “Mfowethu Branham, unesikhwama esinobomvu ngakwesokunxele sesibeletso, esithi asibe ngangenhlamvu yewolnati.”

Ngase ngibuyela ekhaya naye, ngase ngithi, “Uyakhumbula?”

¹⁰⁴ Wathi, “Lokho kwenzeka ngoMfowethu Sharrit, uma ngingaphosisi, laphaya eCalifornia. Ungitshelile lokho sekuyiminyaka eyishumi nesithupha manje.”

Ngathi, “Kunjalo. Manje sekuyakhombisa nje.”

Wathi, “Bill, ucabanga ukuthi kuyilokho engakwenza ngalokho kusa na?”

¹⁰⁵ Ngathi, “Angazi, s’thandwa, ngi—ngingeke nje ngasho.” Awu, sase sigaxana sase siqala ukukhala izinyembezi, phambi kweNkosi. Ngaya ekamelweni ngase ngimkhulekela, ngayo yonke inhliziyoyami.

¹⁰⁶ Udokotela Schoen, ngambiza wabuya, ngathi, “Dok, yini esifanele siyenze na?”

Wathi, “Kufanele kuphume lapho.”

Ngase ngithi, “Ake ukuyeke kanjalo nje kancanyana.”

¹⁰⁷ Wathi, “Ngizokutshela, Mfowethu Branham, mhlawumbe kungcono ngikuthumele enhla kudokotela ozifundele wazigogodela izifo zabetesifazane, naye, umngane olungileyo. UngumKristu, naye.”

¹⁰⁸ Ngathi, “Awu, wena—ke, Dok na?” Wayefuna ukukususa esandleni sakhe uqobo, niyabo.

¹⁰⁹ Wathi, “Ngizokuthumela enhla lapho.” Wayengithanda, futhi wayewuhlonipha umsebenzi wami weNkosi. Futhi watshela lona omunye udokotela ngakho.

¹¹⁰ Ngase ngimthatha ngimenyusela lapho. Base bekuhlola, base—ke bedweba isifanekiso esidwetshiwewo sakho; badweba isifanekiso na—nani, ubungako nje okwakuyibo. Wathi, “Umbuyise cishe ezinsukwini ezingamashumi amathathu.”

111 Ezinsukwini ezingamashumi amathathu, ngakubuyisa, futhi kwashintsha kusuka kwiwolnati kuya kulamula, ngalokho kushesha. Nayo yonke leyominyaka, kwakubekeke kanjalo.

112 Yase-ke iNkosi ikhuluma kimi, yabuye yangithumela emuva futhi, ngiyabuya ngiphuma lapha.

113 Manje-ke ngenkathi sibuyela emuva kwelinye iholide lethu, bathatha enye i x-reyi yakho, kwakungange olintshi. Wathi, “Mnu. Branham, impela ngiyakuthokozela ukukholwa kwakho kuNkulunkulu uSomandla.” Wathi, “NgingumKristu, nami. UDokotela Schoen ungitshela ukuthi wena ungumphilisi ngokukholwa.”

114 Ngathi, “Akaqondanga nje. Angisuye umphilisi ngokukholwa.” Ngathi, “Ngikholwa nguNkulunkulu nje.” Ngase ngithi, “Siyaluqonda loludaba.”

Futhi wa-wathi, “Mnu. Branham, unonkosikazi onomoya okahle.”

Ngathi, “Ngikwazi kahle kanjani pho!”

115 Wathi, “Uma lokho kuthola ukuthamba, kuzoba yisimila, khona-ke awuzukuba nankosikazi.”

Ngase ngithi, “Ngiyakuqonda lokho, dokotela.”

Wathi, “Uyaphikisana nakho ukuba kukhishwe na?”

116 Ngathi, “Qhabo, mnumzane. Kodwa,” ngathi, “sinesizathu. Ake ukuyeke kanjalo nje isikhashana esidanyana, ungeke na?”

117 Wayesethi, “Awu, ngizokutshela.” Wathi, “Bathi usuhlala eTucson manje.” Futhi wangitshela udokotela osigogodele isifo, wathi, “Ungumngani wami.” Wathi, ngathuthela eTucson, futhi ngazama ukuhlala lapho, kanye.” Wathi, “Kwakome kakhudlwana kimi.” Wathi, “Lendoda iwedlula onke ekhona, enyakatho yeMississippi.” Ngakho wathi, “Ngizothumela ama x-reyi nesifanekiso, nakho konke, ngisiwezele kuye.” Ngakho, wasithumela ezansi eTucson.

118 Nendoda, isifika ngapha, izinsuku ezingamashumi amathathu ngaphezulu, sabuye sakubheka, indoda yenza. Yayisithi, “Sekulingana negreypfrudi, kuya ngokuba kukhulu ngempela. Kufanele kuphume, masinya.”

119 Awu, ngadingeka ngihambe. Ngenyukela enyakatho, ngase ngiya eholidini lami. Ngiyabuya, ngase ngiya eNew York, eNew York City, ngaya eHholo laseMorris, ngemvuselelo. Emgwaqeni sengibuya, ngadingeka ngime eLouisiana, kwaMfowethu Jack Moore.

120 Ngabiza unkosikazi, ngobusuku ngedlula, wayesethi, “S’thandwa, kusasa ngifanele ngiye kwa-kwadokotela futhi, ngiyohlolwa.” Futhi uthi, “Bill, bengingakwazi ukunyakazisa umlenze wami wangakwesokunxele, kuleliviki. Kuyiplamu eliqhubukusha engutsheni yami.” Kuphume *kanje*,

kwakuvuvukele kuphumile, kukhula ngokushesha. Wayesethi, “Kub’hlungu kabi, angikwazi ngisho ukweneka izandla zami.” Wathi, “Kuleliviki ngize ngadingeka ngikhiphele umlenze owodwa ngaphandle, ngasikhathi, futhi nginyakaze kanjalo.”

¹²¹ Ngase ngithi, “S’thandwa, uzofuna ukukukhipha.” Ngase ngithi, “Uma enza, kuyoze kube yisikhathi sikaKhisimuzi; asikwazi ukubuyela lapha, sibuyele ekhaya.”

Wayesethi, “Ngiyakwazi.” Wathi, “Awu, sifanele senzeni na?”

¹²² Ngathi, “Awu, mtshele nje, uma e ‘ngakuyeka kanjalo nje kuze kube semva kaKhisimuzi.’ Khona–ke siyokukhipha, masinya emva kukaKhisimuzi. Isizathu, ngifuna ubuyele ekhaya futhi ngaphambi kokuba uye esibhedlela.”

¹²³ Futhi manje wathi, “Manje, ngiyahamba kusasa, cishe ngelesithathu nqo,” into efana naleyo. Nalokho bekungehluka esikhathini sethu. Wathi, “Uzoba nenkonzo yakho yokuqala–ke eShreveport, bese–ke uyangibiza, kamuva.”

Ngathi, “Kulungile.”

¹²⁴ Umngani oyinenekazi ezansi lapho, owesifazane ongumKristu okahle ngempela. Babelapha ngeSonto, angicabangi ukuthi bakhona kulobubusuku. Bazokhuphuka. Norman, Nkk. Norman. Ngabe nikhona, Mnu. NoNkk. Norman na? Angazi noma bakhona yini, noma qha, uMfowethu noDadewethu Norman, baseTucson. Nguye owa . . . Ngicabanga ukuthi abakwazi ukuza njalo ebusuku, ngakho uzobakhona kusasa ebusuku, ngiyethemba. Ngabe ukhona umfowethu, umfowabo kaDadewethu Norman lapha na? Ngicabanga ukuthi uyeza. Ngabe ukhona na? Kukhona . . . Umndeni, noma yimuphi womndeni lapha, abakwa Norm- . . . ? O, yebo, impela. Nampaya, emuva ngemuva. Ya. Kulungile. Uweze unkosikazi.

¹²⁵ Manje ngokusa engasuka ngakho, ekhaya lethu, sasivuka njalo, futhi uma siyokhuleka; uma sizohamba, sasithatha abantwana nathi sonke, sime sizungeze ngasesithombeni sikaJesu, ekamelweni lethu elingaphambili, i*Khanda likaKristu enamashumi amaThathu-nantathu* likaHofmann. Futhi sonke sasizungeza ngapho, abantwana, futhi ngamunye wabo wayengikhulekela. Unkosikazi wayengikhulekela, bese–ke ngimkhulekela. Bese ngiya phesheya kwezilwandle, noma ngabe kukuphi. Futhi sizinikela eNkosini, ngenkonzo yaYo.

¹²⁶ Niyazi, ngashonelwa ngunkosikazi, kanye, ngisengumfana, unina kaBilly. Futhi ngangikade ngilapho endlini izinsuku ezimbili noma ezintathu, futhi, niyazi, izinganyana nawo wonke umuntu lapho, nawo wonke umuntu esehamble ngaleyonkathi. Kwakuyisizungu. Kwabuyisa zonke lezozinkumbulo.

¹²⁷ Futhi ngalokho kusa, kusesekuseni, ngavuka, uBilly noLoyce lapho wayengilindile. Ngase ngiguqa phansi, ngase ngidonsa

lesisitulo esidadlana, uhlobo lukasofa omncane. Ngaguqa phansi, ngabheka phezulu, ngase ngithi, “O, ngibakhumbule kanjani!” Ngathi, “Baba waseZulwini, ngisendleleni yami manje ngiya eShreveport. Ngikhulekela ukuthi Uzongisiza ezansi lapho. Futhi ungibusise, ungi phe imphefumulo, Nkosi, yoMbuso waKho. Ngisebenzise noma ngayiphi indlela Ofisa ngayo. Ngisezandleni zaKho.” Ngathi, “Ngaphesheya le kwezingwadule, ngumkami omncane othembekile, elindile kulokhu ukusa. Wenyukela lapho, ukuba alungele lokho kuhlinzwa.” Ngathi, “Nkosi, ngimtshelile, izolo ebusuku, ‘Ucele udokotela ukuba akuyeke kuze kube semva kukaKhisimuzi.’ Ngabe ngenze okungafanele na? Ngabe lokho kuzophenduka kube yisimila na? Uma ngenze lokho, futhi ngamcela ukuba ancenge lowodokotela, ‘akuyeke,’ futhi, phakathi kwalesosikhathi, kuyoba yisimila futhi ngiyolahlekelwa nguye, ngingeke neze ngazithethelela ngalokho.”

¹²⁸ Ngathi, “Nkosi, sengikhulume kuWe manje leminyaka emibili, yebo, iminyaka eyishumi nesithupha, kodwa,” ngathi, “iminyaka emibili edlule selokhu kwenzeka lokho.” Ngathi, “Baba, akaze ehluleke ukuba ngunkosikazi wangempela kimi. Uma sengilungela ukuya ezinkonzweni, akaze nakanye ake aze akhononde, nakanye. Njalo uhlanza izingubo zami, namayembe ami afakwe elondolo, nayo yonke into, futhi abe esezilungiselele mina. Bese kuthi—ke uma ngifika ekhaya, ngikhathele kakhulu, angikwazi...Futhi kuthi, ngokwejwayelekile, owesifazane uyaye afune indoda ibe naye. Futhi ngingene, abantu beminyene phakathi, ngenzani na? Ngiphume ngiye ohambweni lokuyozingela noma uhambo lokuyodoba. Ngabe sewake wakhononda na? Nakanye. Ahambe alungiselele izingubo zami, futhi angidedele ngiqhubeke, ‘Konke lokho kulungile.’ Umfo omncane bandla, eneminyaka engamashumi amane-nane ubudala, osekhanda-limhlophe njengeqhwa, emi phakathi kwami nomphakathi.” Ngathi, “Nkulunkulu, wayengakuqondile lokho, ngalokho kusa. Wayengakuqondile ngempela, Baba. Izenzo zakhe zikhombisa ukuthi wayengakuqondile. Wayenokwethuka nje.”

¹²⁹ Ngakho ngisize, sekungokwesihlanu kade kwenziwa! Kusukela ezingwejejeni; kwase-ke kuba sezansi eKentucky; kwase-ke kuba ngabantwana bakwaWright ezansi lapho; kwase-ke kuba yilesosiphepho entabeni, engingenaso isikhathi sokunioxela kulobubusuku; nalesisikhathi, kuyikho ngempela nje! Nakho kufika lokho kuKhanya, kulengela phansi lapho, kwase Kuthi, “Sukuma ume ngezinyawo zakho.” Ngase ngisukuma. Wathi, “Noma yini oyishoyo, yileyo ndlela okuzoba ngayo.”

¹³⁰ Ngathi, “Isandla sikaNkulunkulu sizoncibikalisa ixhwala ngaphambi kokuba isandla sikadokotela silithinte.”

¹³¹ Ngizoba noNkk. Norman lapha kusasa ebusuku. Angizange ngimbize, kwakukhona impela. . . uBilly noLoyce wayelinde mina. Saqhubekela eShreveport, safika ngasefonini ukuba simshayele uma sesifike lapho.

¹³² Wayeye kudokotela. NoNkk. Norman wadingeka amsize ngakho, nonesi, egunjini, ukuba agqoke igawuni yakhe, ukuba aphumele etafuleni. Base benyusa imishini, nemifanekiso edwetshiwe nama x-reyi, nezinto. Wathi, “Ubukade uzizwa unjani, Nkk. Branham na?” Wathi. . .

¹³³ Futhi, udokotela, sayivula incwadi, ukuba sibone ukuthi wabhalani kuyo, eya kulodokotela. Wathi, “UNkk. Branham ungowesifazane okahle kabi, nomyeni wakhe uyindoda ekahle. Ungumphilisi ngokukholwa, kodwa akaphikisani nawe uhlinza. Dokotela, kufanele kuphume masinya!” Lokho ngukuthi, sasikufundile lokho, niyabo, “Leloxhwala lifanele lisuswe masinya, kungenjalo uNkk. Branham uzofa.”

¹³⁴ Kwase kuthi-ke lapho nje udokotela ephuma, ukuba avule ishidi alihlehlise, ukuba athinte kuye eceleni, Into ethize epholile ngempela yashwibeka phezu kwakhe, nexhwala lalingasekho. Akukho-xhwala. Nodokotela. . . Walala lapho, wayesethinta, wathi, “Nkk. Branham, leloxhwala belingakwesokunxele, belingenjalo na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane, belinjalo.”

¹³⁵ Ngakho wayesemfulathelisa phansi komshini we x-reyi, wahamba wayesethatha izifanekiso zakhe ezidwetshiweyo, wabuyela kukho konke ukuhlolwa futhi. Wathi, “Nkk. Branham, angikwazi ukukuchaza, kodwa leloxhwala alisekho lapho. Leloxhwala selihambile.”

¹³⁶ Manje, lelo yiqiniso, ngakho ngisize! UNkulunkulu uSomandla uyazi ukuthi yiqiniso, kumiwe lapha. Niyabo, njengoba kwashiwo nje! Kodwa “isandla sikadokotela,” wathi, “sasingekude *kangako*” kuye, kwaze kwathi Into ethize epholile yashwibeka phezu kwakhe. Kwakul’khuni ukuba a. . . Wayefanele asizwe nguNkk. Norman nabo, (nabafo emuva lapho banganitshela ngakho), wasiza etafuleni. Nesifanekiso esidwetshiwe nama x-reyi, nayo yonke into lapho, yexhwala. Futhi kwakungekho neyodwa isayini yalo. Futhi akakaze abe nophawu kusukela lapho. Nalokho kwakucishe kube amaviki amabili ngaphambi kukaKhisimuzi.

¹³⁷ UNkulunkulu usalokhu ehlala ethembekile eZwini laKhe! “Kodlula kokubili amaZulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze adlula.” UNkulunkulu, Ongadala izingwejeje, Ongasusa amaxhwala, Usalokhu enguNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, ngokuba NguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UBaba waseZulwini, Ongufakazi wami, naleliBhayibheli phezu kwenhliziyoyami, uyazi ukuthi izwi

ngezwi lalokho liqinise impela nje njengoba ngazi ukuthi kushiwo kanjani. Bekungangisiza ngani ukusho into eyiphutha, bangani na? Ngikusholo ini lokhu na? Ukuze kunikhuthaze nikholwe.

¹³⁸ Manje, lesosiphiwo esikhulu! Ezinye ngizamile ukuzichaza futhi ngasho ukuthi kwakwenziwa kanjani. Lokhu ngeke kwachazwa. Lindani nje. Akuzukusebenza ngokuphelele kangako manje. Lindani lowoMkhandlu wamaBandla uze ulethe lokho kuhlushwa, kuyokwenzeka ngaleyonkathi-ke. Yingalesosizathu ngibuya ngibe phakathi kwenu, ukuba ngikhulekele abagulayo. Angikaze kuphela into eyodwa Asake angitshela yona empilweni yami engaziyo ukuthi ayikenzeki namanje, ukuthi olunye uhlobo lwesakhiwo noma ithende lapho okuyoba nesakhiwo esincane esibekwayo futhi bengifanele ngingene kulokho futhi ngikhulekele abagulayo. Lokho akukenzeki namanje ngokwazi kwami. Yileyonto kuphela engiyaziyo.

¹³⁹ Futhi uma Esho lawomaZwi, ukuba ngikusho, uBaba waseZulwini uyazi ukuthi ngimi lapha kulobubusuku futhi Ubengangibulala khona lapha kulomsamo. Yebo, mnumzane, Ubengakwenza ngempela; futhi ngiyakwazi lokho, ngikwazi kahle kamhlophe lokho. Futhi ngiyazi kunezindaba eziningi kakhulu namhlanje, ukuthi, ang—nginasibopho ngazo. Nginesibopho kuphela salokho engikushoyo. Mina, ngifanele ngiphendule ngalokho engikushoyo. Nalelo yiQiniso. NoBaba waseZulwini uyazi ukuthi lokho kuqinisele.

¹⁴⁰ Manje nizokholwa ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu wafela izono zenu, futhi walinyazwa ngeziphambeko zenu, ngemivimbo yaKhe naphiliswa na? Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngalolusuku, lapho nje kubukeka sengathi yonke into imnyama, futhi ihlwile futhi ilufifi, kodwa namanje uJesu usalokhu ehlala efana! Anikukholwa lokho na? [“Amen.”] Ulapha kulobubusuku!

¹⁴¹ Ngifuna omunye umuntu aphakame bese engitshela noma yini esengake ngayikhuluma eGameni leNkosi, ngaphandle kwaleyo, kodwa eyenzeka. Futhi amakhulu amangaki ezikhathi eniMbone eyisho, Akuzange kwehluleke! Ngizama ukunitshelani na? Akunakwenzeka sanhlobo ukuba isidalwa esingumuntu senze lokho. NguJesu Kristu phakathi kwabantu. NguKristu phakathi kwethu.

¹⁴² Namhlanje, lapho amahlelo ethi, “Woza *lapha*, futhi woza *lapho*,” yinkambiso endala yesinye isikole noma okuthize; okungukuthi kulunge ngokuphelele, kufanele kubekhona, kuyingxenyeyokuvumelana kwamaphimbo ekuhlabeleleni.

¹⁴³ Kodwa, kimi, Ungophilayo kulobubusuku, unamndla nje impela futhi uqinile, ukwenza lonke iZwi libe yilo ngempela, Alenza emuva lapho.

Asikhuleke.

¹⁴⁴ Nkosi Jesu, Wena wathi, “Kodlula amazulu nomhlaba, amaZwi aMi awasoze.” Bazi kanjalo-ke abafundi ukuthi WawuyiLowo Owawunguye, ngoba Wehlulela imicabango owawusenziliziyweni. IBhayibheli lasho, kumaHeberu 4, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali, linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi-zombili, lingelaHlulela ngisho nemicabango nezizindlo zenhliziyo.” IZwi likaNkulunkulu kubaprofethi, wenze into efanayo. Kuzozonke izazi esezadlula, kwenza into efanayo. ENkosini uJesu Kristu, Lenza into efanayo. Baba, Nkulunkulu, iZwi laKho malikhulume, kulobubusuku, ukuba abagulayo bakwazi ukubona ukuthi Wena ukukhathalele ukuphiliswa kwabo, futhi ubaphilisile, Baba, futhi mababe nokukholwa ukuba nikukholwe. EGameni likaJesu. Amen.

¹⁴⁵ Manje umshayi wopiyano nomshayi we ogani, uma nithanda, phansi, phansi ngempela, “Kholwa Kuphela.”

¹⁴⁶ Futhi, Billy, ngikhohliwe ukukubuza, ukhiphe ziphi izinombolo na? [UMfowethu Billy uthi, “U A, kusukela kweyokuqala kuya ekhulwini.”—Umhl.]

U A, wokuqala kuya ekhulwini. Asiqale ukuma.

¹⁴⁷ U A, inombolo yokuqala kuya enombolweni yesihlanu, sukumani uma ningasukuma. Uma ungenakusukuma, phakamisa isandla sakho nje. Inombolo yokuqala kuya enombolweni yesihlanu. Eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine, ngiqagele yiyo leyo, wozani ngqo ngapha. Eyokuqala, eyesibili, eyesithathu, eyesine, eyesihlanu, uA. Beseza, eyesihlanu, eyesithupha, eyesikhombisa, eyesishiyagalombili, eyesishiyagalolunye, eyeshumi, yimani uma ningama. Eyesithupha, eyesikhombisa, eyesishiyagalombili, eyesishiyagalolunye, eyeshumi, ningasukuma. Amakhadi omkhuleko, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Elokuqala, elesibli, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi. Kulungile, eleshumi nanye, eleshumi nambili, eleshumi nantathu, eleshumi nane, eleshumi nanhlanu. Wozani ngapha ngqo, yibani nilokhu niza nje. Nakho-ke. Kulungile, eleshumi nesithupha, eleshumi nesikhombisa, eleshumi nesishiyagalombili, eleshumi nesishiyagalolunye, elamashumi amabili.

¹⁴⁸ Manje, umfana uyehla, abanye babo, wedlulisa amakhadi, futhi uwaxuba onke, asazi ukuthi izinombolo zikuphi, noma lutho. Uyambona ekwenza, qobo lwakho, exuba amakhadi. Ukunika noma yiliphi ikhadi olifunayo, no—nokuthi nje nibizwa ngamakhadi.

149 Akudingeki ukuba uze ube nekhadi. Kholwa nje, lapho okhona. Kade usemihlanganweni, uyazi, uyazi ukuthi konke kumayelana nani. Kulungile.

150 Bengikuphi, ngishiya kuphi, elamashumi amabili na? [Omunye uthi, “Amashumi amabili.”—Umhl.] Amashumi amabili, amashumi amabili-nanye, amashumi amabili-nambili, amashumi amabili-nantathu, amashumi amabili-nane, amashumi amabili-nanhlanu. Kulungile.

151 Bangaki ogulayo futhi ongenalo ikhadi lomkhuleko, ake sibone izandla zenu. Kulungile. Nomaphi endlini phakathi lapho, kulungile, kholwani nje manje.

152 Manje sizama ukuthini, siyini sizama ukumela ini na? UJesu Kristu. Bangaki okuqondayo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki owaziyo ukuthi ngezinsuku zokuvakasha kwaKhe kithi, emhlabeni, ukuthi WayenguNkulunkulu obonakaliswe e—emzimbeni othiwa nguJesu, ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu kuMuntu na? Kunjalo. Hhayi nje umpofethi; WayenguNkulunkulu! Futhi U...Abaprofethi babenengxenye yabo yeZwi, ingxenye yabo yeZwi, ingxenye eyanikwa bona yalowonyaka. Kodwa Wayengukugcwala kweZwi! Bangaki okwaziyo lokho na? [“Amen.”] WayeyiZwi uqobo lwaLo. Manje kunesabelo esabelwe seZwi lanamuhla. Kunjalo na? [“Amen.”] Lowo bekungaba nguYe futhi. Kunjalo na? [“Amen.”] Ngakho lokho kuMenza abe nguye izolo, namuhla!

153 Bangaki esinabo na? [Omunye uthi, “Amashumi amabili-nanhlanu.”—Umhl.] Amashumi amabili-nanhlanu, ake sibe yilokho nje. Manje, uma siqhubekele phambili kunalokho, futhi nifuna, sisekhona isikhathi esisele; nginemizuzu cishe engamashumi amabili, noma okuthize. Siletha...Manje khumbulani, uma abantu ephakathi lapha onamakhadi omkhuleko, libambe lelokhadi lomkhuleko. Sizokhulekela wonke umuntu ozayo, ozayo futhi athole ikhadi lomkhuleko, uma nje nizohlala nathi. Uma ngizogijima, imini nobusuku, ngizobathola. Ngosizo lweNkosi, ngizobathola ngempela.

154 Manje uma nje nizonginakisisa! Manje bangaki phakathi lapha, ohlezi khona lapho, okholwayo ukuthi unokukholwa okwenele ukuMthinta na? Lokho kuhle kakhulu. Ya. Manje asingakuvumeli kube yize, bangani.

155 Manje nanto inenekazi lihlezi *lapha* esihlalweni esinamasondo, futhi nanso indoda ihlezi *lapho* esihlalweni esinamasondo. Ngiyabona bayagula. Kusobala, abaguli, mhlawumbe, kodwa bahluphekile. Ungapheli amandla, dade nomfowethu. Uyazi, uma bengingakwenza, uma benginganiphilisa, niyazi bengingeza ngikwenze, aninjalo na? Impela bengingakwenza. Uma bengingenakukwenza, angina—anginamsebenzi wokuma emuva lapha. Uma nginonya

enhliziyweni yami; lokho obekungakususa kulesosihlalo esinamasondo, nawe kulesosihlalo esinamasondo, futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumuntu ononya.

¹⁵⁶ “Awu,” wena uthi, “ngesiphiwo sikaNkulunkulu, ufanele ukwenze, noma kanjani.” Awulinde kancane. Qhabo, aniwufundi kanjalo-ke umBhalo.

¹⁵⁷ UJesu wedlula lapho okwakunezinkulungwane zabakhubazekile, izinyonga, izimpumpithe, abaxhugayo, nabashwabeneyo, futhi akazange akuthinte. Futhi waya kumuntu mhlawumbe owayenesimo sendlala esinyeni sowesilisa, noma okunye. Wayekade evimbeleka, esebe nakho iminyaka engamashumi amathathu-nanhlanu. Wayekwazi ukuhamba. Enga...iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo. Niyabo, kunabanye benu... .

¹⁵⁸ Kusobala, ukuba-ke lowo kwakukade kungumkami ehlezi *lapho*, noma umama wami, umkami, indodakazi yami; niyabo, noma umfowethu, ubaba wami ehlezi *lapho* na? O, uma noma yini yayingenziwa, impela ngangiyofuna yenziwe. Niyabo?

¹⁵⁹ Kodwa, niyazi, kungahle kubekhona mhlawumbe omunye umuntu ehlezi *ngapha*, ebukeka ephile ngempela, useduzane kakhulu nokufa kunoma *benjalo*; benenkathazo yenhliziyu noma umdlavuzi, niyabo, abasondele kakhulu impela ekufeni. Kodwa ngabe kul’khuni kakhulu kuNkulunkulu ukuba aphilise umdlavuzi, noma okhubazekile na? Akukho-mehluko. Udinga kuphela ukuthi, “Uma ukukholwa.”

¹⁶⁰ Manje, ngesingami, ukunikhombisa ukuthi bekungebe yimi, bengingezwa ngikwenze khona manje. Ukuba bengingakwenza, bengiyobukisa ngakho, ngiqagele. Bengingathi, “Mangenyusele lona wesilisa nowesifazane phezulu lapha emsamo, nginikhombise ukuthi ngiyinceku kaKristu enkulu kangakanani.” Bengingasho olunye uhlobo lwamazwi phezu kwakhe, “Sukuma manje bese usuka uhambe!” Niyabo, ngithanda ukwenza lokho. Sonke isixuku besingavele sidazuluke nje, futhi sithi, “Akabongwe uNkulunkulu! Enkulu kanje pho. inceku kaNkulunkulu enamandla, uMfowethu Branham ayiyo!” Niyabo? Qhabo, lokho ngukuthi, lokho bekungaba yiphutha, niyabo.

Kodwa manje uJesu angabasindisa bobabili, kulobubusuku.

¹⁶¹ Kodwa, niyabo, uma umuntu ethola ukukhubazeka kancanyana nje, baqala ukuthi, khona phansi le, (abafuni ukucabanga), kodwa phansi le, baqala ukucabanga, “Sengedlule ukuhamba, niyabo. Ngi-ningengeke neze ngakwenza.” Ungakwenzi lokho. Ungakwenzi lokho. Uyabo, kukholwe. Futhi ukuba bengingakwenza, benginga... .Kodwa, manje, uma nje uzokhipha konke lokho kungabaza enhliziyweni yakho, ungavumeli lutho nje lungene olungavimba.

¹⁶² [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Udonsekile futhi wahlushwa ukugula, kusukela ekuzalweni; waqonda nje thwi, futhi usuke uhambe, uphile ngokwejwayelekile futhi usindile. Niyabo? Leso yizitatimende, odokotela neZelamani zakwaMayo. Futhi nikubonile kwi*Reader's Digest*, kungekudala, uDonny Morton, *IsiMangaliso sikaDonny Morton*. Lowomntwana omncane khona lapho eCalifornia, kwiAssemblies of God, ezansi lapho kulesosikole, eNingizimu Bhayibheli S'kole, lowomntwana wayesonteke kakhulu futhi ehlushwe ukugula kwaze kwathi uJohn Hopkins neZelamani zakwaMayo bathi, "Alikho ithuba lasemhlabeni ngaye." Kodwa iNkosi ingu ISHO KANJE INKOSI. Lokho kwakwehlukile, niyabo.

Ungahambi, ungenathemba.

¹⁶³ Manje, manje okwemizuzu embalwa elandelayo, sizokhuleka manje. Kunemizuzu ethi ayibe yishumi nambili, mhlawumbe singawuqeda umugqa womkhuleko. Futhi manje uma ngiqeda labo, mhlawumbe, futhi ngibuye ngibe nesinye futhi isikhathi... Ngithembise ukuphuma ligamenxe elesishiyagalolunye. Kubhekisiseni. Kulungile. Manje—ke sizokwenza, esibagejayo kulobubusuku, sizobacoshisa kusasa ebusuku.

¹⁶⁴ Manje wonke umuntu uzobe ekhuleka. Nani nonke khona lapho lokho manje, lokho ngukuthi, ongenawo amakhadi omkhuleko, noma onawo amakhadi omkhuleko, noma ngabe kuyini, qalani nje nikhuleke. Niyabo, ukukholwa kwenu kuzokwenza khona impela nje uJesu akwenza ezinsukwini ezedlula. Ningayithinta ingubo yaKhe. Manje uma wonk'umuntu ezohlonipha ngokuzithoba ngempela nje, angayaluzi. Ahloniphe ngokuzithoba ngempela, kancanyana nje.

¹⁶⁵ Woza, mnumzane. Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba. Uma bengingakusiza, bengingakwenza. Wena, uyakwazi lokho. Ngi—ngingajabula ukwenza lokho, kodwa ngingekwenze. Ngokukhuluma obala, ngomuny'umuntu ommeleyo, ofuna ukukhulekelwa. [Indoda ithi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angamphilisa na? ["Yebo, mnumzane."] Abekho ngalesisikhathi. ["Qhabo, mnumzane."] Bakude kunalapha. ["Yebo, mnumzane."] Wudaba lomdlavuza. ["Yebo, mnumzane."] Kunjalo na? ["Yebo, mnumzane."] Uyakholwa ukuthi bazophiliswa na? ["Yebo, mnumzane. Ngiyakholwa."] Hamba, futhi kuzokwenziwa, uma ukukholwa. Yilokho kuphela ofanele ukwenze. Akumangalisi lokho na? UNkulunkulu akubusise.

¹⁶⁶ Sawubona? Ngakho siyizihambi komunye nomunye. Indoda nje ehambe yangena lapha. Angikwazi, angikaze ngikubone. Kodwa, futhi ulapha... *Leli*, leliBhayibheli eliyigugu, Liphatha isithembiso; esingukuthi, Lelo yiZwi

likaNkulunkulu. [Indoda ithi, “Kunjalo.”—Umhl.] NeBhayibheli lithi, phakathi Lapho, ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu lahlulela imicabango, izifiso nezizindlo zenzliziyo, kanjalonjalo, kokubili kutshela leliZwi elilotshiwe, liqinisekisa ukuthi Liqinisele, ngokusho kungakenzeki, noNkulunkulu uLenza libe yilo ngempela.” [“Amen.”] Njengoba Athi, “Makube-khona ukukhanya, futhi kwaba-khona ukukhanya.” [“Kunjalo.”] Ngikusho nje lokho, ukuba ngikhulume kuwe, njengeNkosi yethu yakhuluma kowesifazane emthonjeni, njengoba Ibone uSimoni, kanjalonjalo.

¹⁶⁷ Uke waba nenkathazo ethize. Uke waba nokuhlinzwa. Sekuqhume kwavuleka futhi. [Indoda ithi, “Kunjalo.”—Umhl.] Uyaqonda lapho engiqonde khona, nokuthi kungani ngingenakukusho khona lapha. [“Yebo, mnumzane. Kunjalo.”] Futhi uyaqonda ukuthi kungani. Lokho akunjalo na? [“Kunjalo.”] Kunjalo. Ngeke ngakusho lapha, kodwa wena uyazi. Ngikuzwe ngayo leyonkathi ngenkathi ucabanga, “Angazi noma uzokusho yini lokho, noma ngabe,” kunjalo. [“Kunjalo.”] Qhabo, ngeke ngikusho, ngoba ngeke ngakusho lapha. Kodwa kuzoba ngcono manje. [“NgiyaKubonga, Jesu.”] Hamba, ukukholwe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

¹⁶⁸ Sawubona, nenekazi? Uyamkholwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? [Owesifazane uthi, “Impela ngiyakholwa!”—Umhl.] Ngiyakuthokozela lokho. Uma ikhona noma yiyiphi indlela yokukusiza, ngizoyenza. Yinye kuphela indlela engingakusiza ngayo, leyo ingalokho engikubonayo. Kuphela nginga... Engikubonayo, bese ngiyakusho. Uma ngingenakubona, awu, khona-ke ngi... Ngeke ngakusho, kusobala, ngize ngikubone, ngoba kufanele kuvele kuYe. KungokobuNkulunkulu... Yisiphiwo sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu, esivela kuNkulunkulu.

¹⁶⁹ Inkathazo yakho isesweni lakho. Unesimila esweni lakho. Angikwazi ukusibona, kodwa siseweni lakho langakwesokunxele. [Owesifazane uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Ukuze ukwazi lokhu manje, ngokuthi omunye khona lapho angahle akusho. Ngiyabona unenye futhi inkathazo. Unenkathazo ngebele lakhe langakwesokunxele, futhi. [“Kunjalo.”] Kunjalo, akunjalo na? [“Kunjalo.”] Manje uyazi. Lapha, uma lokho kungakudida, angikutshela. Awusuye owalapha. Ungowakude nalapha. UngowaseLouisiana. [“Kunjalo.”] Buyela emuva, futhi umkholwe uNkulunkulu, futhi ungaphiliswa kukho. Amen. Kholwa, ngayo yonke inhliziyi yakho. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. Kholwa nje.

Sawubona? Ucindezeleke ngempela.

170 *Leyondoda* iphethwe khona lapho yincindezelo, nayo; ithe ukuba nekhandla eselimpunga, ifake isudu empunga, ihlezi, ingibuka. Unencindezelo, awunayo, mnumzane na? Isisukile kuwe manje. Isiphelile. Akadunyiswe uNkulunkulu!

Ithinteni na? Hhayi mina.

171 Lokho kunika ngisho leyondoda, esemva kwayo, isibindi esithize. Ubungafuni ukukholwa ukuthi ubuneTB, izifo ezilakanyanayo. Uyamemukela uJesu manje njengoMphilisi wakho na? Kulungile, ungaba nakho ukuphiliswa kwakho. Amen. Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Amen. Yileyondlela yokukwenza. O, kumangalisa kanjani!

172 Niyakholwa, nonke na? Lawo indoda kulobubusuku, iza yehla ngqo umugqa wendoda!

173 Indoda ihlezi ngqo emva kwayo lapho, iyamangala ngakho konke ngakho. Unesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosisindisa na? Uyakholwa na? Khona—ke ungaba nakho! O, he!

174 Besifazane, ni...Kusendodeni ngqo, kubukeka kanjalo, kuhambisana ngqo nendoda kulobubusuku. Kuyamangalisa! Akabongwe uNkulunkulu!

175 Nansi enye indoda, ihlezi khona ngapha, ineqhubu eliyisibhono esiyidabuli. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzolisindisa leloqhubu eliyisibhono na? Amen. Ungaba nakho.

176 Enye indoda, eyesibili emva kwayo, ineqhubu eliyisibhono, nayo. Uyakholwa, mnumzane na? Ungaba nakho, nawe, uma nje uzokukholwa. Amen. Haleluya!

177 Uyamkholwa uNkulunkulu na? Yiba nokukholwa nje. Ungangabazi. Akukho-banga, kuNkulunkulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

178 Nansi indoda ihlezi khona ngokuphumela lapha. Ngiyikhomba ngomunwe wami ngqo. Ifake izibuko, isikhanda-limpunga. Ingenesifo sikashukela. Uma izokholwa ngayo yonke inhliziyo yayo, uNkulunkulu uzoyiphilisa. Umkayo uhlezi eceleni kwayo ngqo lapho. Yebo, beka isandla sakho phezu kwakhe, unenkathazo yenanzi. Beka isandla sakho phezu kwakhe, futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi nobabili ningaphiliswa.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

179 Inkathazo yakho yihlule legazi. Lisengalweni yakho yangakwesokunxele. [Owesifazane uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Ubunomdlavuzo. ["Kunjalo."] Wahlinzwa. ["Yebo."] Bakunika imithi yokwelapha. ["Yebo."] Imithi yokwelapha ibangele lehlule legazi ukuba lingene lapha, esimweni esibi kakhulu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? ["Ngiyakholwa."] Manje—ke njengoba ukholiwe, kanjalo

makwenziwe kuwe. EGameni leNkosi uJesu, kwangathi angaphiliswa.

¹⁸⁰ Ubukeka unjengowesifazane onempilo, oqinile. Uyamkholwa uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi uyaphila na? [Owesifazane uthi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Ukhona kulobubusuku na? [“Yebo, ngiyakholwa.”] Ukuba bengingakutshela into ethize eyindaba ngawe, ubungaMkholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? [“Yebo.”] Wenyukele ukuhlinzwa. [“Yebo.”] Inkathazo yabesifazane. [“Yebo.”] Inkathazo yamanenekazi. [“Yebo.”] Udingeka ube nokuhlinzwa. [“Yebo.”] Unomunye okanye nawe, odinga ngempela ukuba nokuhlinzwa, naye, umuntu osemncane kakhulu. [“Yebo.”] Kunjalo. [“Yebo.”] Kunjalo impela. Manje—ke, unomunye omkhulekelayo, lowo ngumyeni wakho. [“Yebo.”] Akasindisiwe. [“O, yebo!”] Futhi akekho lapha. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uzothola ukusindiswa, futhi awuzukudingeka ukuba ube nokuhlinzwa. [“O!”] Hamba manje futhi ukholwe, ngayo yonke inhliziyo yakho. Amen. Amen.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu!

¹⁸¹ Ngiyabona ngendlela ohamba ngayo. NguNkulunkulu kuphela ophilisa umdlavuza. Kodwa uNkulunkulu uyazi ukuthi kwenziwa kanjani. Uyakholwa ukuthi Uzokwenzela khona na? [Owesifazane uthi, “Yebo. Yebo.”—Umhl.] Manje—ke ngibeka izandla zami phezu kwakho, dadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakho. Amen. Hamba manje, ungangabazi, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

¹⁸² Woza, dade. Isimo sesifuba somoya, inkathazo yamanenekazi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Owesifazane uthi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.] EGameni likaJesu Kristu, hamba futhi uphiliswe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen. Kulungile.

¹⁸³ Ungonesifo sikashukela. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosisindisa, akwelaphe futhi enze. . . futhi akuphilise gelekeqe na? [Owesifazane uthi, “Yebo. Ngiyakukholwa.” Umhl.] EGameni likaJesu Kristu, hamba futhi uphiliswe. Manje uma umkholwa uNkulunkulu, ukubeka izandla phezulu kanjalo, kuzokwenzeka.

¹⁸⁴ Yebo, mnumzane, inkathazo yeqolo nenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Indoda ithi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Manje—ke hamba, eGameni likaJesu Kristu, futhi usinde, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

Wonk'umuntu uyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁸⁵ Sawubona, mnumzane? Kusobala, uyabona ukuthi unenkathazo yezindlala, futhi sekukwenze waba nenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa

inhliziyo yakho futhi akusindise na? [Indoda ithi, “Amen.”—Umhl.] Hamba, eGameni likaJesu Kristu, futhi uphiliswe.

¹⁸⁶ Ngifuna ukunikhombisa into ethize. Ngizokhumula leliwashi, ngilikhumule. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa inkathazo yamaphaphu, futhi akusindise na? [Owesifazane uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile, impela Angakwenza. Ubonile ukuthi lokho kwenzeke kanjani na? Kulungile, iNkosi ikubusise, hamba futhi uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

¹⁸⁷ Manje awuthi isandla sakho. Ngifuna ubuke isandla sami, ngokuvamile njengesandla sendoda amaningi. Kunjalo na? Ngibeka isandla sami kuso, manje sishintshile, siyavuvukala, amaphuphusi amancane egijima phezu kwaso. Unesisu esinezilonda. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosisindisa na? Uyakwemukela ukuphiliswa kwakho manje na? [Indoda ithi, “Ngiyakholwa.”—Umhl.]

¹⁸⁸ Nkosi Nkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu, philisa indoda. Ngalomzuzwana, Nkosi, kususe kuyo, ukuze ikwazi ukubona nokwazi ukuthi kuyiqiniso. Ngi...Kulotshiwe eBhayibhelini, “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni; labo abakholwayo.” Nkosi, ngiyakholwa. EGameni likaJesu Kristu, lelidemoni aliphume kumfowethu. Amen.

¹⁸⁹ Asibone isandla sakho futhi. Manje akubonakali sengathi sikwenzile, kuyabonakala na? [Indoda ithi, “Qhabo, akubukeki.”—Umhl.] Usuphilisiwe. Hamba, usinde!

¹⁹⁰ Isimo sesifo sofuba. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosisindisa na? [Indoda ithi, “Yebo.”—Umhl.] Hamba futhi uphefumule, eGameni leNkosi uJesu Kristu, futhi usindiswe. Amen. Yiba nokukholwa.

¹⁹¹ UNkulunkulu uyayiphilisa inkathazo yeqolo, futhi ayisindise indoda. Uyakholwa lokho na? [Indoda ithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile, hamba-ke, futhi uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Futhi ngizosindiswa!” [“Haleluya!”] Ungangabazi nje; ngayo yonke inhliziyo yakho. Amen.

¹⁹² Ukuba-ke bengikutshela ukuthi uthole ukuphiliswa esihlalweni esinamasondo, ubungakukholwa na? [Indoda ithi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile, hamba-ke nje, ujabula, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu,” futhi uzakuba nakho okucelile. Kulungile.

¹⁹³ Woza, mnumzane. Uyakholwa na? [Indoda ithi, “Yebo, ngiyakholwa.”—Umhl.] Ngifuna ukunikhombisa, ngakho kuzokhombisa ezandleni zakho. Ngitshele...Buka isandla sami lapha, akukho okungalungile ngaso. Niyabona phakathi lapha na? [“Akukho-lutho.”] Manje siyashintsha, sivuvukele, izinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso. [“Yebo.”]

Ungathanda ukudla isapha yakho, futhi uphinde uzizwe ukahle na? [“Yebo.”] Uyakholwa ukuthi ungakwenza na? [“Yebo.”] Uyakholwa ukuthi lezizinto ozibonayo ivela kuNkulunkulu na? [“Yebo, impela ngiyakholwa.”] Manje phinda ubheke isandla sakho ngqo...isandla sami futhi, akusekho lapho manje. Manje-ke, hamb’udle. Ukukholwa kwakho kukwenzile, mfowethu.

¹⁹⁴ Asithi, “Ayidunyiswe iNkosi,” wonk’umuntu. [Ibandla lithi, “Ayidunyiswe iNkosi!”—Umhl.] Uhlala enguyena izolo, namuhla! Uyakholwa ukuthi sibeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda na? [“Amen.”] Impela, uyakholwa!

¹⁹⁵ Uyakholwa lokho, dadewethu na? [Owesifazane uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] EGameni likaJesu Kristu, hamba futhi uphiliswe futhi usinde, ngenxa—ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

¹⁹⁶ O Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, nazo zonke izinto ezenzekayo lapha endlini kulobubusuku, siyazi ukuthi Wena ulapha. Makuthi Amandla kaNkulunkulu enze udadewethu asinde, ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

¹⁹⁷ Woza manje, ukholwe. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? [Owesifazane uthi, “Yebo.”—Umhl.] Awudingeki neze ukuba ube usakhubazeka-ke. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba futhi aphiliswe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen. Hamba manje, ungangabazi, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

¹⁹⁸ Kokubili inhliziyo nesisu; isisu sibangela inhliziyo. Nkosi Jesu, sindisa umfowethu. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakhuleka. Amen.

¹⁹⁹ Yileyondlela esasivame ukukwenza ngayo, kudala, sikhuleka, niyazi.

²⁰⁰ Manje ngempela awunalutho lokuba ube novalo ngalo, unalo na? Unalo na? Nakancu. Kodwa unjalo, empeleni. Kunjalo. Bonke phandle lapho, cishe impela kuseduze kwabo bonke, unento efanayo. Banakho. Ake nginikhombise.

²⁰¹ Bangaki onokwethuka khona lapho na? Phakamisani izandla zenu. Phakamisani izandla zenu.

²⁰² Beningasibiza kanjani lesosigejane na? Niyabo, beningeke nikwenze. Kodwa ake nginitshengise ukuthi uNkulunkulu unguMphilisi, ngoba ngiyazi ukuthi nizophiliswa. Niyabo? Ngokukhuluma obala, sekuvele kwedlule, khona manje. Kunjalo. Amen. Lelothunzi lisukile kuye, khona lapho. Qhubeka, ujabule, futhi uthi, “Ayidunyiswe, iNkosi!” Amen.

²⁰³ Ungethande ukuphefumula futhi, kahle na? Futhi, ya, lokho kungemangalise na? Uyakholwa ukuthi Angakwenza na? [Owesifazane uthi, “O!”—Umhl.] Manje-ke hamba-ke, futhi

ukwenze. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungenziwa. Amen.

204 Manje uyazi ukuthi ufanele ukuba nosizo, noma ufe. Kuzokubulala uma ungenalo usizo. UNkulunkulu ulapha ukuba akusize. Uyakukholwa lokho na? Ake ngikhombise ukuthi lokho kuyinto embi kanjani. Ake ulethe isandla sakho lapha. Uyakwazi, bekungumdlavuza. Ubuwazi ukuthi ubunomdlavuza na? [Indoda ithi, “Ya.”—Umhl.] Uzokholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, kanye nami na?

Lendoda ifanele ife uma uNkulunkulu engayiphilisi. Bekungumdlavuza.

205 O Nkulunkulu, iZwi lithi, “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni.” Futhi uma Ukwenzele abanye, Nkosi Jesu, kwenzele lendoda lapha. Makuthi Amandla kaNkulunkulu uSomandla afike phezu kwayo, futhi usindise impilo yayo, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

206 Hamba futhi ukhohlwe yikho, uthi nje, “NgiyaKubonga, Nkosi,” futhi hamba futhi uphiliswe ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

207 Manje ukudinga ngempela ukuhlinzwa, kunjalo, ngexhwala. Kodwa uNkulunkulu, ongalikhipha ixhwala kumkami, angalikhipha kuwe. Uyakukholwa lokho na? Uyakholwa ukuthi leyondaba iyiqiniso, engiyishilo esikhashaneni esedlule na? Nasi isandla sami sibekwe lapha eBhayibhelini, ukuthi iyiqiniso. Manje uyazi ukuthi uMoya oNgcwele ulapha. Angikwazi, angikaze ngikubone. Futhi uma ngingakutshela ukuthi iyini inkathazo yakho, kuzofanele kube yiNto ethize lapha ingitshela. Awu, leyoNto efanayo yakhipha ixhwala kumkami, uyabo. Manje uyakholwa, ngokuthi nje uma ngikhuleka futhi ngibeke izandla phezu kwakho, ixhwala lizosuka kuwe na? Uzokukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho na? Kulungile, woza lapha.

Nonke kholwani kanye nami manje.

208 Nkosi Jesu, umusa waKho nesihawu makube phezu kowesifazane. Njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, futhi mayelana neZwi likaNkulunkulu, kwangathi leliphwala lingachithwa, futhi kwangathi owesifazane angaphila enkazimulweni kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

209 UNkulunkulu akubusise manje. Hamba, ukholwa, uthi, “NgiyaKubonga, Nkosi,” futhi konke kuzobe kungasekho.

210 Manje kungaki oku...Sesedlule ngemizuzu emithathu esikhathini. Ngikwenzile, kusilele imizuzu emithathu. Ngizoba kahle kusasa ebusuku, Carl.

211 Bangaki othanda iNkosi manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki okholwayo ukuthi lababantu baphilisiwe na? [“Amen!”] Kusasa ebusuku ngizozama

ukukuthatha ngokwehlukile kancane, futhi nginikhombise nonke futhi ukuthi imisebenzi ikanjani nokuthi kusebenza kanjani, iNkosi ithanda. Futhi manje iNkosi inibusise ngamunye wenu.

²¹² Ngabe ukhona noma ubani lapha onelisekile ukuthi bayisoni, futhi bafuna ukukhonza uJesu Kristu njengosizo lwabo, bemukele uJesu njengoMsindisi wabo na? Ningathanda ukuma lapha manje futhi sibe nomkhuleko nani na? Sizokujabulela ukwenza lokho. Isimemo sivulekile, futhi sizibekele ukuphiliswa lezizinkonzo, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, kodwa akusikho okokuphilisa konke nya. Sikhulekela abagulayo, kanti futhi si... Abantu abaguliswa yisono, lokho ngokokuqala. Sifuna nize. Futhi nize lapha umzuzwana nje, nime nathi emkhulekweni. Singajabula ukukhuleka nani, senze konke esingakwenza ukuba sinisize. Ningakwenza lokho na? Ngabe sikhona isoni endlini, esingathanda ukuthatha lesosinqumo sokuma kulobubusuku, sithi, “Ngizoza futhi ngemukele uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nami. Ngifuna ukusindiswa, kulobubusuku”?

²¹³ UNkulunkulu akubusise. Nakhu kuza indoda. UNkulunkulu akubusise. Usekhona omunye na? Angabakhona omunye na? Yileyo ndlela engithanda ukubona ngayo abantu beza. Yehlani ngqo, nivule kabanzi, futhi nithi, “Nginephutha. Ngifuna ukuba kahle.”

²¹⁴ Futhi mfowethu, dade, phambi kwalababantu abangamakhulu amahlanu noma ayisithupha, kumbe noma ngabe ubani ophakathi lapha (angazi), kodwa lababantu abemi lapha bayazi ukuthi yiqiniso. Ayikaze iNkosi ingivumele ngisho noma yini engalungile kulokho kuprofetha. Bangaki othi, “Kunjalo”? Phakamisa izandla zakho njengofakazi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo, kuhlala njalo kuqinisele.

²¹⁵ Uzokusindisa uma uzoza nje ngokukholwa okulula, futhi ukukholwe. Uyayazi imfihlo yenhliziyi. Ngikwenzeleni lokho kubiza ngalesisikhathi nje, kwabukeka sengathi indlu iyabubiza kimi na? Yingoba Into ethize ithe, “Yenza ukubiza.” Ngaze kanjani ukuthi lokhu kungahle kungabi yithuba lokugcina lalawa indoda na? Kungahle kube namanye futhi lapha. Uma ikhona, ungeze sisakhothamisa amakhanda ethu na?

Woza, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle.

Nkosi, mphilise, msindise, futhi umenzele lokhu—lokhu.

²¹⁶ Woza, omunye futhi na? Bathathu. Ngomlomo wawofakazi abathathu, makuqinisewe.”

²¹⁷ Manje, bazalwane, njengoba nima lapho, nenza into enobuqhawe obukhulu kakhulu. Abantu ogulayo, bazokwenza noma yini ukuba basinde. Kodwa uma umuntu eqonda ukuthi uguliswa yisono, lokho ngukugula okubi ukwedlula konke.

218 Lababantu beza lapha kulobubusuku, ngiyazi bekunabathi ababe babili abemidlavuzisa esukile sisami lapha. Lelo yiqiniso. Ngibone amathunzi esuka. Futhi angisilo uhlanya. Ngiyazi kuyiqiniso. Izingwaba zabantu ziphilisiwe. Kodwa mhlampe mhlawumbe, ngesinye isikhathi, uma bephila isikhathi eside ngokwenele, bazobuye bathole ukugula futhi; bangahle babe nenyumoniya. Into ethize izobasusa ekuphileni; ukufa kuzokwenza.

219 Manje, kodwa enikwenzayo manje, nizokwemukela ukuPhila okuPhakade. Bukani ukuthi uJesu wathini, “Ozwa amaZwi aMi.” *Ozwa* kuchaza “ukuqonda.” Niyabo? “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade; futhi akasayikuya ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Nenza into ewubuhawe obukhulu kakhulu enake nayenza.

220 Ngizocela ibandla ukuba lime, esikhumbuzweni salokhu, sisakhuleka. Abanye abefundisi bazothanda ukuza bazungeze futhi babeke izandla phezu kwalawa indoda, nami; futhi—futhi ngijabule ngani ukukwenza, uma nizokwenza. Wozani khona lapha futhi nibeke izandla zenu phezu kwawo. Wonk’umuntu akahloniphe ngokuzithoba.

221 Baba waseZulwini, eBukhoni baKho bobuNkulunkulu; hhayi, phansi kwamadlingozi, kodwa phansi kokuhola kukaMoya oNgcwele, ngehora lokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ngenkathi bebene uJesu enza lezizinto ezifanayo, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula namhlanje, futhi baMbona ekwenza namhlanje, abaningi benza njengoba benza ngaleyonkathi. Kwathi, “Abaningi bakholwa nguYe, ngenxa yemisebenzi yaKhe.” Abaningi bakholwa nguYe kulobubusuku, ngenxa yemisebenzi yaKhe.

222 Nakhu kumi imiphefumulo emithathu eligugu, indoda amathathu. Kubonakala kanjalo, Nkosi, ngokwejwayelekile kuba ngabesifazane. Kodwa kulobubusuku kube yindoda, lokhu kuqhubeke njalo ngqo. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzokwemukela ukuvuma kwawo—kwawo, njengoba evuma ukuthi kade engalungile, futhi afisa ukuba nokuPhila, futhi abe naKho kuchichime kakhulu, ngoJesu Kristu. Susa onke amabala amnyama esono. Ngizwe, Nkosi, njengoba ngikhuleka. Ngiwanikela ezandleni zaKho. Nangegunya leZwi laKho, elasho ukuthi, “Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle,” ngakho Ufanele uwemukele, Nkosi, ngokuba ezile, neZwi laKho lasho ukuthi Awuyikuwalahlela ngaphandle. Futhi ezile, ekholwa ukuthi Uzowathethelela. Futhi, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, azoKukhonza zonke izinsuku zokuphila kwawo, ezahlukanisa nesono.

223 Ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzothulula uMoya oNgcwele phezu kwawo, ukuthi Uzowagcwalisa

ngaMandla aKho obuNkulunkulu; ukuthi angabi ngamaKristu kuphela, kodwa abe amathuluzi e—enkonzo, agcwaliswe-swi, ngoMoya oNgcwele, ukuze asize alethe uMlayezo kwabanye.

²²⁴ Nkosi Jesu, ngiwanikela kuWe manje, phezu kweZwi laKho, elethembisa ukuthi ayo “thethelelwa.” “NgiyoMvusa ngomuhla wokugcina,” Wena washo. Futhi ngiyazi amaZwi aKho aqinisile, sisanda kukhuluma ngaWo nje. Alehluleki neze. NeZwi liza kulawa indoda kulobubusuku, futhi eze ukulandela iZwi. Futhi ngiyazi, ukuthi kulomgamango lapha, wokuthethelelwa, Owenzayo, ngokuba amaZwi aKho angehluleke. EGameni likaJesu.

Amakhanda ethu ekhotheme manje.

²²⁵ Kinina, bazalwane bami omi lapha kulobubusuku, nenze into kuphela eningayenza. Uma nenelisekile ukuthi anilungile, khona-ke niyahlabeka ngesono, into eniyenzile engalungile. Yinye kuphela indlela yokuxolelwa, naleyo ingesiPhambano. Futhi nenyukele lapha kulobubusuku, phambi kwabo bonke lababantu, ukuba niMemukele njengoMsindisi wenu, ukuthi nenelisekile ukuthi anilungile, nahlabeka; neneliseka ukuthi Yena uqinisile, nahlabeka ukuthi anilungile. Futhi Wafela izoni. Yilokho Azela ukukwenza, akuzela emhlabeni, ukufela izoni; nginicelela into eyodwa kuphela, ukuba nemukele ngesihle lokho Akufelayo, nina. Nizokwenza lokho, nizoMemukela njengoMsindisi wenu na? Bekani izono zenu emva kwenu, futhi niMemukele khona manje njengoMsindisi wenu oqondene nani. Uma nizokwenza, nje phakamisani izandla zenu zangakwesokudla ngakuYe, “Ngizokwenza.” UNkulunkulu anibusise.

²²⁶ Lokho kuchaza ukuthi sekuphelile! Uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu, khona-ke lokho kuhambisana neZwi laKhe, “Izono zenu zisemva kwenu, sezihambile. ZisoLwandle lokuKhohlwa, Akasophinde azikhumbule. Niyizidalwa ezintsha kuYe, kulobubusuku.” Manje kwangathi . . .

²²⁷ Lababazalwane lapha bazoza futhi babeke izandla phezu kwenu. Nabanye benu befundisi lapha yimani nisondele, wozani, nibeke izandla zenu, futhi, futhi asibusise, ukuba bemukele uMoya oNgcwele. Yenyukani nisondele.


²²⁸ Baba waseZulwini, gwalisa lomfowethu olungileyo ngo . . . ? . . . Gwalisa lo, umfowethu, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Gwalisa lo, umfowethu, Nkosi, kulobubusuku, ngoMoya oNgcwele. Siphe lokhu, eGameni likaJesu Kristu, njengoba ngibanikela kuWe, babe yizinceku zaKho. Amen.

²²⁹ Manje ningawaphakamisa amakhanda enu. Lawa indoda yemukele uKristu njengoMsindisi wawo; izono ezedlule sezithethelelwe. Lelo yiZwi leNkosi. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

²³⁰ Manje ngifuna nijike nibheke ngasezethamelini, bangane. Ngakho Uthi, “Uma ninamahloni ngaMi phambi kwabantu, Nginamahloni ngani phambi kukaBaba. OyoNgivuma phambi kwabantu, lowo Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.” Phakamisani izandla zenu, ukuthi niyavuma ukuthi uJesu Kristu unguMsindisi wenu, Mthatheni abe nguMsindisi wenu manje. Nina bazalwane lapha phakamisani, oze ealtare njengamanje, phakamisani izandla zenu, ukuze izethameli zikwazi ukubona. “ONgivuma phambi komuntu, lowo Ngiyakumvuma phambi kukaBaba waMi neziNgelosi ezingcwele.”

Manje njengoba sikhothamisa amakhanda ethu, ukuba siphume.

²³¹ Ngifuna ngamunye wenu, bantu eningaphumelela, wozani ngapha bese nixhawulana nalababafowethu. Futhi nibamemele ebandleni lenu, abanye benu belusi, ukuba niqhubeke nabo, kusukela lapha, ukuba bemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.

²³² UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu aniphilise. UNkulunkulu aniphe umusa, uvame, ngumkhuleko wami oqotho. Asikhothamise amakhanda ethu manje ngenkathi, ngiqagele, uMfowethu Rose ezela umkhuleko wokusikhipha. Kulungile, Mfowethu Rose. 

AMAZWI AKHE ANGEHLULEKI ESITHEMBISO ZUL64-0120
(His Unfailing Words Of Promise)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoMsombuluko kusihlwa, ngo Januwari 20, ngo 1964 eRamada Inn ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org